# UNkulunkulu WaLoNyaka Omubi

. . . kungenzeka, kholwa kuphela;
Kholwa kuphela, kholwa kuphela,
Konke kungenzeka, kholwa kuphela.

Asikhothamise amakhanda ethu. Baba waseZulwini othandekayo, siyabonga kulokhu ukusa ukuthi singakholwa. Kwenziwe kwaba ngokungenzeka ngeGazi elichithekileyo leNdodana yaKho, uJesu, ukuthi siyoba ngabahlanganyeli bomusa waKhe; futhi sibe ngamadodana namadodakazi kaNkulunkulu, ngokulalela kwaKhe kwaze kwaba sekufeni esiphambanweni, silungisiswe ngokukholwa kuYe nokuvuka kwaKhe, futhi manje uMoya oNgcwele uchithwe ndawo zonke ezinhliziyweni zethu.

2 Siyabonga ngalelithuba ukuba size lapha kulokhu ukusa ukuhlephulelana imicabango yethu nezindumiso zethu, ukuzwakalisa ngamaculo, izimfakazo, ukufundwa kwamaHubo, ukufundwa kweZwi laKho, futhi silinde ngesizotha kuMoya oNgcwele ukuba usethulele uMlayezo oqokelwe lelihora. Siphe khona, Nkosi. Kwangathi singazuza ngokuba lapha namhlanje. Futhi uma sisuka endlini, kwangathi singasho njengalabo ababevela e-Emawuse, "Izinhliziyo zethi bezingavuthi yini phakathi kwethu lapho Ekhuluma kithi kulokhu ukusa na?" Siphe lezizinto, Nkulunkulu oPhakade, eGameni likaJesu Kristu. Amen.

Hhlalani phansi.

3 Sanibona ekuseni, bangane, lapha, phandle lapha etabernakele nakubangane bethu ngaphandle esizweni sonke, kusuka le oGwini lwaseNtshonalanga, futhi kulokhu ukusa, kuya oGwini lwaseMpumalanga, nasenyakatho, naseningizimu, abaxhume othelefoni.

4 Wusuku oluhle lapha eIndiana, kancane, luthe ukuba namafu angengakanani, kupholile, luhle kakhulu. Itabernakele ligcwele phama, ngaphandle emagcekeni nangokuzungeza izindonga. Silindele ngamathemba amakhulu eNkosini ukuba isivakashele namhlanje. Futhi sethemba ukuthi uNkulunkulu uniphe usuku olukahle noma yikuphi lapho enikhona. Futhi wusuku oluhle, ngokuba lunikezwe yiNkosi. Akunandaba ukuthi isimo sezulu sinjani, wusuku oluhle. Siyajabula ukuba lapha, sisajabula namanje ukuthi sinethuba ukuzwakalisa ezweni ukukholwa kwethu kuJesu Kristu. Futhi sifuna ukuthatha lonke ithuba esingalithatha ukunikeza ukuzwakalisa

kwethu kothando lwaKhe nalokho Asenzele khona. Namhlanje si . . .

5 Nginikezwe, emizuzwaneni embalwa edlule, i-isimemezelo ukuba ngisenze, bese kuthi-ke nginezinto ezimbalwa lapha engithanda ukuzisho. Futhi esinye sazo, isimemezelo sanikwa mina mayelana nomhlangano webhodi ngobunye ubusuku. Futhi kubekhona idikoni elilodwa lasebandleni elihambe layokwakha eArizona, elinguMfowethu Collins, umfowethu odumileyo. Futhi njengoba engekho, bona, ibhodi, iqoke uMfowethu Charlie Cox ukuba athathe indawo yakhe esahambile. NoMfowethu Charlie Cox ngokomthetho uqokwa ngumphatheli . . . noma yibhodi yabadikoni balelibandla, ukuthatha isikhundla sikaMfowethu Collins, njengoba engekho.

6 Nento engifuna ukuyisho, futhi, ngifuna ukunibonga nonke bantu, ngoba abanye benu bangahle baye ekhaya ngaphambi kwenkonzo yokuphilisa, kulobubusuku, ngezipho ezinhle ezincane, izimpawu. Silethelwe ukudla okuningi selokhu sifikile lapha. Futhi kusukela kumkami nami, nomndeni wami, sikuthokozela ngempela. Ngezinye izikhathi ngikhohlwa ngisho ukusho noma yini ngakho. Kubhizi kakhulu, niyazi. Ingqondo yami iyaluyaluza kakhulu ngaso sonke isikhathi. Ungabona nje ukuthi kuyini, ngabantu, hhayi abakhona lapha kulelibandla kuphela, kodwa abavela emhlabeni jikelele. Niyabo? Futhi kuwuhlobo lokukugcina uyaluyaluza ngaso sonke isikhathi.

7 Omunye ubesho mayelana nokubusiswa kwezingane, nezinkonzo zombhaphathizo, kanjalonjalo. Lokho kuhle kakhulu. Ngifisa sengathi bengingakwenza, kodwa nje kusonteka kakhulu, kul'khuni ukuba ngi—ngibe nesikhathi. Ngifanele ngigcine ingqondo yami ikulokhu ngqo, loMlayezo. Niyazi iBhayibheli lathi kubaphostoli, noma . . . Abaphostoli, njalo, eBhayibhelini, lathi, "Hambani, uzifunele wena, phakathi kwenu, indoda efakazelwa kahle, neqotho negcwaliswe ngoMoya oNgcwele, ukuba inake lezizindaba." Futhi ngitshele uBilly . . .

Wathi, "Uzoyibusisa ingane ngalesisikhathi, baba?"

Ngathi, "O, he!" Niyabo? Uma . . . Sineziningi zazo ezilindele ukubusiswa, futhi lokho kulungile, ngizodingeka nje ukuba ngibuye bese ngithatha usuku oluyisipesheli lokubusiswa kwezingane. Ngakho ngizothanda ukwenza lokho, manje.

8 Kodwa sifuna ukunibonga ngamunye ngamunye wenu ezinhliziyweni zethu; unkosikazi, mina, nomndeni wethu. Abantu basilethela izimpahla ezifakwe emathinini, nobhontshisi osemusha ibhathabhins, amakhabe, amakhabe amakhantalophu, o, izitrobheli. Noma yini nje okungacatshangwa ngakho, bayakuletha.

9 Umfowethu nodadewethu abathandeka kakhulu, ngoluny'usuku, basilethela ikewu elikhulukazi. Ngisalidla. Futhi ngakho nje . . . O, futhi ngizofanele ngikuqede ngaphambi

kokuba ngihambe, ngiqagele. Ngakho uma ngingakwenzi, uzokuthatha sihambe nakho ngqo. Futhi ngakho—ngakho sizo . . . Impela siyabonga ngalezizinto. Ngazi abaningi babantu; abanye babo angibazi. Bazobe becambalele egosini uma singena. Futhi ngakho ngikubonga ngempela.

Nabaningi ngiyabazi, ngine . . . Ngibone abaningi, futhi baningi engingatholi ukubabona. Ngi—ngineqiniso ukuthi wonke umuntu uyaqonda ukuthi ngi—ngingathanda ukufinyelela kumuntu wonke uma bengingakwenza, kodwa ngingedwa kuphela. Niyabo? Uku . . . Angikwazi ukufinyelela kumuntu wonke. Ngenza konke engaziyo ukuthi kwenziwa kanjani.

10 Ngakho, uNkulunkulu abe nani. Ngineqiniso ukuthi ukhona Ozoba nani; lowo nguJesu Kristu, futhi Angaba khona. NguYena-Muntu kuphela ongosezindaweni zonke. Futhi Ungumninimandla, ngakho anganikeza zonke izidingo. Futhi ungosezindaweni zonke, futhi, futhi uyazazi izidingo zenu, ukuthi nidingani.

11 Ngiyala wonke umuntu engingezuku . . . Bengisheshisa ngawo onke amandla ami, ngisho selokhu ngibe lapha kulokhu ukusa, futhi ngizothola wonke umuntu engingamthola. Futhi uma . . . Engikugejayo, uNkulunkulu ongumninimandla uzo—zoninikeza zonke izidingo zenu ngokwengcebo yaKhe eNkazimulweni.

12 [UMfowethu Branham uthi ukuthula kancane, usekhuluma noMfowethu Neville.—Umhl.] Angikuboni kahle hle lokho. UngaKufunda na?

Kuyisimemezelo esiyisipesheli sohlobo oluthize. Futhi ngicabanga ukuthi sifanele ukuthi sibhalwe nguBilly Paul. Ngakho ufana nami; angikwazi ngisho ukufunda isandla sami uqobo. Futhi ngakho ngibhala ngokufishanisa konke okungokwami uqobo. Futhi uma beningabona ezinye zezindikimba zami lapha, ezibhalwe lapha, nicabanga ukuthi beningake nikuqonde lokho na? [UMfowethu Branham ukhombisa ibandla indikimba yakhe ebhaliwe, futhi uhleka kanye nabo—Umhl.] Nginokunjengenkanyezi, inqamula ebrijini, kanjalonjalo, nje konke . . .

[UMfowethu Neville ufunda isimemezelo—Umhl.]

UMfowethu Adair, uAdair waseArkansas, ukuba abone uMfu. Pearry Green kwingemuva lesonto masinya. Kulungile.

13 Manje, ngakho enye into engithanda—ngithanda ukuyimemezela lapha yi—yilokho, kulobubusuku manje okwenkonzo yokuphilisa. Sizokhulekela abagulayo kulobubusuku, futhi ngakho nge—ngethemba ukuthi nizoba lapha.

14 Futhi sithumela imikhonzo kubobonke abantu ngaphandle ezweni lonke, eGameni leNkosi uJesu, ukuthi uNkulunkulu uzonibusisa kulokhu ukusa. Abanye benu sekuyela ngasemini. Enhla eNew York, sekucishe kube phakathi nemini. Naphandle eArizona, uGu lwaseNtshonalanga, cishe ngelesikhombisa nqo kuphela. Ngakho kukhona i. . . Futhi lapha siphakathi nendawo ngqo. Ngakho uNkulunkulu anibusise nisalalele. Manje lokhu kungaba. . .

Ngikubeke enhliziyweni yami, ngenkathi ngiselapha . . .

15 Futhi ngangingavunyelwe ukuba namahholo, futhi ekugcineni bathi ukusinika imvume; sasikwazi ukuba nenkonzo eyodwa, kodwa singafanele ukukhulekela abagulayo. Ngi—angi. . . Leyo yinkonzo yami. Ngifanele ngenze lokho uMoya oNgcwele ongitshela ukuba ngikwenze. Ngakho nga—ngakwenqaba, ngenxa yokuthi ngifuna ukukhululeka ukuba ngenze noma yikuphi uMoya oNgcwele athi angikwenze. Niyabo? Ngakho ngicabange ukuthi nje singahlupheka nje olunye futhi usuku olulodwa, empeleni, etabernakele. Futhi kupholile kulokhu ukusa. INkosi nje isenzele usuku olukahle lapha, ngakho siyabonga.

16 Manje, ekwenzeni lokhu, ngize lapha ngenhloso yokufundisa ngeZitsha zokugcina, iZitsha eziyisiKhombisa zokugcina, namaCilongo ayisiKhombisa okugcina, nemiDumo eyisiKhombisa yokugcina, yeNcwadi yeZambulo, ngikubophele ndawonye kulelihora esiphila kulo manje; ukulandela ukuvulwa kweziMpawu eziyisiKhombisa, imiNyaka yeBandla eyisiKhombisa. Ngakho, asikwazanga ukuthola indlu yokukwenza. Ngakho nge—ngethemba lokho, masinya nje uma ngingahle ngikwazi, sizo. . . singakwazi ukuthola indawo eyenele yalokho, phakathi kokuthi kube lapha noma eLousville, eNew Albany, noma kambe simise itende, ukuze nje sikwazi ukuhlala isikhathi eside ngangoba iNkosi isiholela ukuba sikwenze.

17 Kodwa kulokhu manje, ngithathe lelithuba ukuzwakalisa kubantu inkolelo yami nokukholwa kuNkulunkulu, bese-ke nginiletha ehoreni esiphila kulo. Futhi ngalokhu, akukhonjiwe kumuntu othize, izivumokholo, noma kungaba yini; kunjengoba nje ngibona iZwi likaNkulunkulu. Futhi ngeSonto eledlule sibe nokuthululwa okuhle kakhulu kukaMoya phezu kweZwi. Ubumude, futhi ngakuzonda ukuhlala isikhathi eside kangako; kodwa nokho asazi ukuthi sikhathi sini esizohlangana ngaso okokugcina. Futhi sifanele, njengo. . . ngifuna ukuba njalo. Ngifuna ukuba njalo, njalo, njengoba uPawulu wasendulo asho, “Angigwemanga ukunitshela lonke iCebo likaNkulunkulu.” UJesu wathi Akagodlanga lutho kubafundi baKhe.

Futhi njengoba mina, ngibhizi kangaka ngizama ukuhlala phansi kogcobo lukaMoya oNgcwele, ukuthola ukuthi—

ukuthi hora lini, uMlayezo wehora uyini, ngiyehluleka ngezinye izikhathi ukuphuma futhi ngenze imisebenzi engiyimiselweyo njengenceku kaKristu, njengomfundisi. Kodwa nginendoda amaningana azama ukungisiza ukuba ngenze lokhu, engibongayo ngawo, bonke abazalwane bami abangabefundisi.

18 Manje, angiqondile ukuzama ukugcina abantu. Uma nina, abangaphandle ezweni lapho uMlayezo uya khona, beningama bese niqala ukuqalaza lelibandla kulokhu ukusa, ezikhaleni zezihlalo, izinkulisa, ngaphandle, kuvulwe imisakazo, emabhasini, amakharaveni, kanjalo njalo, nezimoto, benizobona ukuthi yini inkinga. Bese kuba-ke inkonzo ngayinye, abaningi, abaningi beshayela bedlula; futhi bebiza, kanjalonjalo, abakwazanga ukungena, macala onke. Futhi sidinga enye futhi indawo ukuze abantu bakwazi ukuhlala futhi bathokomale.

Bese-ke ngehlisa u—uMlayezo engicabanga ukuthi usemqoka ngokubaluleke kakhulu, ngizwa ukuthi besikufanele, sonke, sithokomale futhi sihlale phansi, futhi ukuze sikwazi ukulalela; namapensela ethu nephepha, namanothi neBhayibheli, kanjalonjalo, ukubhala phansi a—amanothi. Kodwa ngalendlela ngicabange ukuthi ngizobuyela emuva ngesikhathi esinaso, esiphila kuso, bese sizama ukwethula ezinye zalezizinto enizohlangana nazo. Futhi nizozidinga.

19 Uma ngiza lapha namhlanje, noma ngaluphi olunye usuku, noma yimuphi omunye umfundisi, ukuzama ukuletha umlayezo kubantu, abantu abafayo njengoba sinjalo, nesikhathi sesisondele kakhulu sesiseduze, njengoba ngikholwa salolusuku; ngingaba ngumzenzisi ukuzama ukuletha into engaziyo ukuthi niyothokoziswa yiyo futhi iphambane neZwi likaNkulunkulu, noma into yokudonsa isixuku, noma—noma into enjengaleyo; bengi—ngingeke ngaba . . . Bengingeke ngaba yilokho engi—engilapha ukuba ngibe yikho, umfundisi kaKristu. Ngifuna ukuletha into engicabanga ukuthi iwusizo olubalulekile kini, hhayi nje ukuba ngibukwe; kodwa ukucabanga ukuthi kuyinto ukuthi uma ngifa namhlanje, kusasa iyobambelela okwehange enhliziyweni yenu ukuba niqhubeke futhi nikhonze uNkulunkulu.

20 Manje ngifuna ukusho ukuthi kukhona into nje elungiselela ukwenzeka. Ngiyayazi. Abaningi benu lapha bayakhumbula ngenkathi uMfowethu Junior Jackson efika kimi kancanyana ngaphambi kokuba aye ngaseArizona, ngephupho ayenalo. Into eyisimanga! Bangaki okukhumbulayo lokho na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] NeNkosi yasinika incazo, futhi kwenzeka ncamashi. Manje, usanda kuba nelinye iphupho, into ethize.

21 Nento eyisimanga, indoda yayilapha ngolunye usuku, ivela eOregon. Cishe impela ayingazi, futhi yayi . . . yaphupha iphupho elifanayo ngakho, uJunior Jackson aliphuphayo, futhi—

futhi ifika yangitshela. A—angiyazi incazo; ngilinde iNkosi. Kodwa ngiyazi ukuthi kuzoba yinto evela kuNkulunkulu. Kukhumbuleni nje lokho. Kungu ISHO KANJE INKOSI. Kuyinto ezovela ivela kuNkulunkulu. Angazi ukuthi iyini. Impela iyethusa, yethusa ngempela! Ngokusobala, mayelana na—namaphupho indoda omabili. . .Enye yawo nginga. . . ingahle ukuthi iyiBaptisti, iPresbyterian. I—ingahle ukuba ihlezi lapha kulokhu ukusa. Angazi. Yayilapha ngolunye usuku. Angiyazi indoda.

22 Kodwa yalixoxa iphupho, nezinyembezi emehlweni ayo. Futhi layiqhaqhazelisa. Isuka le eOregon lapha, ukulizwakalisa. UMfowethu Jackson ungena ngendlela efanayo, kulokhu ukusa. Enye indoda ingayazi enye; eyodwa, izinkulungwane zamamayela ukuqhelelana nenye, namaphupho omabili ngento efanayo nse. Ngakho uMoya oNgcwele uyigodlile-ke incazo kimi. Angazi ukuthi ngizoyitshelani indoda. Kodwa ngiyazi uNkulunkulu ulungiselela ukwenza okuthize, futhi kuzoba yinto enhle kakhulu emehlweni ethu.

23 Manje, uMlayezo kulokhu ukusa, ngifuna ukufunda eNcwadini yabaseGalathiya. Angishumayeli noma nje. . . Yisifundo sesikole sangeSonto. Futhi manje, nina besilisa nabesifazane enimi ngasezindongeni, futhi umuntu ofuna ukushintshana futhi anidedele nihlale phansi isikhashana, noma okuthize, manje, ngeke ningihluphe; nibe ngokuhlonipha nje. Futhi uma omama, abantwanyana babo bekhala noma okuthize, omunye uzophuma enkulisa ukuze babe nendawo yabantwanyana.

24 Futhi manje thatha ipensela lakho, iBhayibheli, futhi ulungele ukubhala phansi eminye imiBhalo esizoyifunda. Angifuni nizizwe niboshelwe phansi. Ngifuna nizizwe—ngifuna nizizwe nikhululekile ukuba nihlale futhi nitadishe. Futhi ningahle ningavumelani, okungukuthi kulungile. Kodwa ngikhuluma lokhu kuphela esizweni sonke kulokhu ukusa, ukuze kuthi abantu okholwe nguMlayezo iNkosi uJesu enginike wona walelihora, bazi ukuthi kwenzekani, futhi ngikubeka emBhalweni.

25 NgeSonto eledlula sakhuluma ngokuthi *AbaGcotshiweyo NgoSuku LokuGcina*. Futhi uma nina, noma yimuphi wenu, ningabalaleli bamateyipu, qinisekani ukuthola leyoteyipu. Akusikho ukuthi sifuna ukuthengisa amateyipu; lelo akusilo isu. Kuyisu lokukhipha uMlayezo. Niyabo? Niyabo? Uma ninomshini weteyipu, qoqani iqembu labantu, futhi niyidlale, bese nilalelisisa. “Abagcotshiweyo.”

26 Nizwa abantu besukuma bese bethi, “O, iBhayibheli lathi, ‘Izinsuku zokugcina, kuyovela abaprofethi bamanga futhi benze lezizibonakaliso.’” Lowo ngumBhalo ngokuyikhu du. Manje-ke kusebenzaphi lokho na? Kufanele kusetshenziswe ngokuyikho.

Kulobubusuku ngifuna ukukhuluma ngokuthi, uma iNkosi ithanda, ngokuthi: *UNkulunkulu Wembulwa EZwini LaKhe uQobo*, ukuthi iso lingesetshenziswe kanjani lapho okufanele kubekhona indlebe. Niyabo? Njengokushicilela iBhayibheli lonke nje, futhi, kulolonke iBhayibheli, lifanekisa uJesu Kristu. Ngakho ngifuna ukukhuluma ngalokho kulobubusuku, iNkosi ithanda. Futhi manje, uma kungenjalo, ngolunye usuku lwakamuva enyangeni.

27 Manje eNcwadini yakwabaseGalathiya. NaseNcwadini yabaseKorinte besiBili 4:1 kuya kwele 6, bese kuba kwabaseGalathiya 1:1 kuya kwele 4, ngifuna ukufunda omunye umBhalo. Manje kwabaseGalathiya 1:1 kuya kwele 4, "UPawulu, umphostoli," qaphela ukuma ngokushesha impela. *Umphostoli* kusho "othunyiwe, noma, "isithunywa senkolo."

> *UPawulu, umphostoli, (ongaveli kubantu, noma ngomuntu, kodwa . . .Jesu Kristu, noNkulunkulu uYise, owamvusa kwabafileyo;)*
>
> *Nabazalwane bonke abanami, kuwo amabandla aseGalathiya:*
>
> *Makube-kini umusa nokuthula okuvela kuNkulunkulu uBaba* wethu, *naseNkosini yethu uJesu Kristu,*
>
> *Owazinikela ngenxa yezono zethu, ukuze asophule kulelizwe elibi lamanje, ngokwentando kaNkulunkulunkulu uBaba wethu:*
>
> *Makube-kuye udumo kuze kube-phakade. Amen.*

28 Manje eNcwadini yakwabaseKorinte besiBili, isahluko 4, futhi sizofunda kusukela kwele 1 kuya kwele 6, amavesi.

> *Ngakho lokhu sinalenkonzo, njengokuba sahawukelwa, asidangali;*
>
> *Kodwa sizilahlile izinto ezifihliwe zehlazo, asihambisi ngobuqili, asiliphambanisi izwi likaNkulunkulu; kepha ngokuveza obala iqiniso sizincoma kunembeza wabantu bonke phambi kukaNkulunkulu.*
>
> *Kepha uma ivangeli lethu lifihlakele, lifihlakele kwabalahlwayo:*

Uma lokho kungangenisi abamiselwe ngaphambili, angazi ukuthi kwenzani.

> *Okubona abangakholwa unkulunkulu walelizwe uphuphuthekisile izingqondo zabo, ukuze kungasi kubo ukukhanya, kwevangeli lenkazimulo kaKristu, ongumfanekiso kaNkulunkulu.*

Kuyafana njengoba kwakunjalo ensimini yase-Edeni, "Bakhishwa, funa bathinte lowoMuthi."

*Ngokuba asizishumayeli thina, kodwa sishumayela uKristu Jesu oyiNkosi;. . .siyizikhonzi zenu ngenxa ka*Kristu.

*Ngokuba uNkulunkulu owathi akuvele ukukhanya ebumnyameni, owakanya ezinhliziyweni zetu, ukuze asipe ukukanya kokwazi inkazimulo kaNkulunkulu ebusweni bukaJesu Kristu.*

29 Amen! Lifundeka kanjalo-ke iZwi! Manje, indikimba yami kulokhu ukusa, ithi: *UNkulunkulu WaLoNyaka Omubi.* Njengoba sesifundile emiBhalweni, "unkulunkulu walelizwe, lonyaka omubi." Manje, loMlayezo ukhomba ububi balonyaka omubi, futhi ufitha esiprofethweni salonyaka omubi.

Futhi kuyinkolelo yami ukuthi wonke . . . ukuthi iBhayibheli linayoyonke impendulo yawo wonke unyaka, esivele ibhalwe eBhayibhelini, yekholwa lalowonyaka. Ngikholwa ukuthi yonke into esiyidingayo ibhalwe khona *Lapha,* nje idinga ukuhunyushwa nguMoya oNgcwele. Angikholwa ukuthi noma yimuphi umuntu emhlabeni unelungelo lokufaka ukuhumusha kwakhe uqobo eZwini. UNkulunkulu akadingi-muntu ukuba ahumushe iZwi laKhe. Ungumhumushi waKhe Yena. Wathi Uyokwenza, futhi Uyakwenza.

30 Njengoba ngishilo izikhathi eziningi. Wathi, "Intombi iyokhulelwa," Wakhuluma lokho ngezindebe zomprofethi, futhi yakwenza. Akukho-muntu ozohumusha lokho. Ekuqaleni, Wathi, "Makube-khona ukukhanya," futhi kwaba-khona. Akukho-muntu ozoKuhumusha. Wathi, "Ngezinsuku zokugcina, Uyothulula uMoya waKhe phezu kwayo yonke inyama," futhi Wakwenza. Akudingi lutho ukuKuhumusha. Wathi, "Ngezinsuku zokugcina, lezizinto," esizibona zenzeka manje, ziyoba lapha. Akudingi kuhumusha. Sekuvele kuhunyushiwe. Niyabo?

31 Manje, qaphelisisani manje njengoba sitadisha iZwi. *UNkulunkulu WaLoNyaka Omubi,* esiphila kuwo manje. Kungabonakala kuyisimanga, into eyisimanga impela, kulonyaka womusa, lapho, "UNkulunkulu ethatha abantu ngenxa yeGama laKhe," lowo nguMlobokazi waKhe, kulonyaka omubi ofanele ubizwe ngonyaka wobubi. Wona impela unyaka "UNkulunkulu abiza khona abantu ngenxa yeGama laKhe," ngomusa, baphume, futhi ubizwa ngonyaka omubi. Manje, sizokufakazisa ngeBhayibheli ukuthi lona ngunyaka Ayekhuluma ngawo. Kuyinto eyisimanga impela ukucabanga lokho, ukuthi onyakeni omubi njengalona, ukuthi uNkulunkulu ngalesosikhathi uyobe ebiza uMlobokazi waKhe.

32 Niqaphelile yini, Wathi, "abantu," hhayi "ibandla." Ngani na? Nokho, Libizwa ngeBandla, kodwa Uyobiza "abantu." Manje, ibandla lingumbuthano wabantu abaningi bazo zonke izimo ezehlukene, kodwa uNkulunkulu ubiza oYedwa

lapha. Akashongo ukuthi, "Ngiyobiza iMethodisti, iBaptisti, iPentecostal." Wathi Uyobiza abantu. Ababizeleni na? IGama laKhe. Niyabo, abantu; oyedwa kwiMethodisti, oyedwa kwiBaptisti, oyedwa kwiLuthela, oyedwa kwiKatolika. Niyabo?

Kodwa Uyabiza, hhayi iqembu lebandla, kodwa "abantu beGama laKhe," omukela iGama laKhe, othembise eGameni laKhe, aye emshadweni ukuba ashade naYe, ukuba abe yingxenye yaKhe, ngokumiselwa ngaphambili. Njengendoda nje ekhetha umfazi ofanele empilweni yayo, wamiselwa ukuba abe yingxenye yomzimba wayo. Ngakho, lokho ngukuthi, uMlobokazi kaKristu uyoba njalo, futhi unjalo manje, kusukela endulo, wamiswa nguNkulunkulu ukuba abe yingxenye yalowoMzimba. Niyabo? O, imiBhalo icebe kakhulu, igcwele uju!

33 Qaphelani, hhayi lokho okushiwo ngomunye umuntu, okubizwe ngomunye umuntu; kodwa lokho uNkulunkulu akukhetha ngaphambi kokusekelwa kwezwe, futhi ubiza lababantu ngezinsuku zokugcina; hhayi inhlangano. "Abantu beGama laKhe." Futhi lonyaka omubi ungenkathi lapho Ekwenza khona, wona impela lonyaka wokweduka.

34 Ngeviki eledlule, kuMathewu 24, kwakungunyaka odukisa kakhulu kunayo yonke iminyaka. Yonke iminyaka yokweduka, kusukela ensimini yase-Edene, kwehle njalo, awukaze ubekhona unyaka wokweduka okungaka njengalonyaka. "Kuyovela abaprofethi bamanga futhi baveze izibonakaliso nezimangaliso, uma kungenzeka ukudukisa nabaKhethiweyo." Niyabo? Manje, abandayo nje, ayiwo ngegama nje, anesitashi amabandla, kanjalonjalo, omcabango ongenabufakazi owenziwe ngumuntu, lokho bekungeke; abaKhethwa bebengeke neze bakunake lokho. Kodwa kuphezulu lapho cishe impela njengento yangempela. Nje kushiya ngaphandle iZwi elilodwa yilokho kuphela odinga ukukwenza. Okwethenjiselwe unyaka; isikhathi esikhulu ngempela! MaKristu, ndawo zonke, nakani ihora esiphila kulo! Makani phansi, futhi nifunde, futhi nilalelisise.

35 UNkulunkulu ubeyobabizelani abantu baphume kulonyaka omubi, iGama laKhe na? Isizathu esiyiso, ngukuMvivinya, uMlobokazi waKhe. Kungokokuba . . . Uma esebonakalisiwe, wavivinywa, wafakazelwa, wafakaza kuSathane. Njengoba kwakunjalo ekuqaleni, kuyakubanjalo ekupheleni.

36 Njengembewu iqala emhlabathini, ikhuphuka yedlule kubathwali, ukuphila kwayo, kodwa iphetha iyimbewu efanayo eyayiyiyo ngenkathi ingena emhlabathini.

Nendlela efanayo imbewu yokweduka eyawela ngayo emhlabathini, e-Edene, yindlela efanayo ephetha ngayo ngezinsuku zokugcina.

Njengoba nje iVangeli lalinjalo ngenkathi liwela ehlelweni eNayisiya, eRoma, liphethela enhlanganweni enkulu ephakeme.

Njengoba nje iMbewu yeBandla yawa emuva lapho, nezibonakaliso, izimangaliso, noKristu ophilayo phakathi kwabo, iphethela ezinsukwini zokugcina phansi kwenkonzo kaMalaki 4, futhi ibuyisela emuva futhi ukuKholwa kwasekuqaleni okwake kwanikelwa.

37 Siyathola manje, lonyaka omubi uzofakazisa, kuSathane, Alifani noEva, ukuthi Alisilo lolohlobo lwesifazane. Futhi Liyovivinywa ngeZwi laKhe, uMlobokazi, njengoba umlobokazi ka-Adamu wavivinywa ngeZwi. Nomlobokazi ka-Adamu walikholwa lonke nelincu iZwi, lonke, kodwa wadideka esithembisweni esisodwa, ukuthi "Unguye izolo, namuhla, naphakade," namhlanje; kodwa wehluleka esithembisweni esisodwa, phansi kokulinga kwesitha, ubuso nobuso. Futhi manje, abantu obizelwa iGama laKhe, kusobala, nguMlobokazi waKhe. Lizofika lixhumane futhi ngento efanayo; hhayi nje ngeqiniso lobuhlelo noma okuthize, kodwa onke amaZwi!

38 Ngokuba, ekuqaleni kweBhayibheli, umuntu wanikwa iZwi likaNkulunkulu ukuba aphile ngalo. IZwi elilodwa, lahunyushwa ngokungesikho yi—yindoda ethiwa nguSathane, kumuntu wesilwane esibizwa ngenyoka. USathane, ekulomuntu, wayekwazi ukukhuluma noEva, wase ehumusha ngokungesikho iZwi kuye, futhi walahleka. Niyabo, Lifanele libe yiZwi lonke.

39 Phakathi neBhayibheli, uJesu uyafika wayesethi, "Akusinkwa sodwa umuntu ayakuphila ngaso, kodwa ngamaZwi onke," ngenkathi Elingwa nguSathane.

Manje, uNkulunkulu esitshela lapha ngezinsuku zokugcina, ukuthi, "Unkulunkulu walelizwe uyosukuma ngezinsuku zokugcina."

"Futhi yilowo nalowo oyonezela izwi elilodwa kuLo, noma asuse iZwi elilodwa kuLo, isabelo sakhe siyosuswa eNcwadini yokuPhila."

Nkulunkulu sihawukele! Futhi masingahambi njengamayembe al'khuni, izifuba eziqhoshile, ikhanda elibheke phezulu, osazi konke, ngokuba nathi sasingalaleli. Masithi ngesihawu, nomusa, nokuzwa enhliziyweni yethu ngakuNkulunkulu, ngokuzithoba size esiHlalweni sobukhosi sesihawu.

40 Kuyisimanga manje, emva kweminyaka ethile engamakhulu ayishumi nesishiyagalolunye yokushunyayelwa kweVangeli, futhi manje lona, leyo yinqubo yezwe, imbi kakhulu ukwedlula izinsuku lapho lokho, lapho Eselapha. Inqubo yezwe imbi kakhulu. Izwe liqonde ovuthwondabeni olukhulu. Niyakwazi lokho. INkosi igcwalisa iZwi laYo macala onke.

41 Izolo, ngimi. . .Ngethemba ukuthi umfo omncane aka. . . Angeke. Ngangifike nomkami, noNkk. Woods, uMfowethu Roy Roberson, ndawondawo lapha, uMfowethu Woods, sasime phakathi ngapha kulesisiKhungo seziTolo iYoungstown

esincane, ukuthola i—impahla uDadewethu Woods ayenayo. Futhi e. . . sisami lapho, umfo osemusha wenyuka wase ezethula, futhi eyisihambi kimi. Enye insizwa yenyuka yase ithi kuphakathi kokuthi babengabaseAlabama, Georg- . . . ngikholwa ukuthi eGeorgia, ngoba ngababuza ukuthi ngabe babemazi yini uMfowethu Welch Evans. Futhi saxoxa imizuzu embalwa. Futhi ngenkathi ngihamba sengisuka, lensizwa yangibuka. Lapho omunye umfo osemusha nomfana wakhe omncane besuka behamba, lensizwa yangibuka. Yathi, "Into eyodwa nje engifuna ukuyisho."

Ngathi, "U—uyikholwa na? UngumKristu na?"

Yathi, "Qhabo, mnumzane." Yathi, "Bengi . . . "

42 Ngingahle ngingacaphuni nje izwi eyalisho lapha, kodwa kungenzeka ukuthi yayikade imanqikanqika kancane. Ngangiyibuze mayelana nezinto zeNgelosi yeNkosi ibonakala. Futhi yathi yayike yezwa ngakho, kodwa yayingakaze ibe sebandleni ngaphambili, lelibandla. Ngathi, "UyaKukholwa na?"

Yathi, "Yebo, mnumzane." Yathi, "Be—bengibhekisisa enye into." Yathi, "Abantu ubengitshela ngalezizibikezelo nezinto, futhi ngezwa eteyipini ukuthi wabikezela ukuthi iCalifornia iyoklayeka kanjani kanjalo." Futhi yathi, "Ngenkathi ngibona lokho ephepheni, ngase ngiyakukholwa-ke." Yathi, "Ngiyeza namhlanje noma kusasa," lokho kunamhlanje, "kungokokuqala kimi."

Ngathi, "INkosi ikubusise, ndodana," ngase ngiqala ukuyixhawula.

Yathi, "Kodwa kukhona engifuna ukukusho kuwe, mnumzane." Yathi, "Ngilahleke ukulahleka." Yathi, "Nginjengohlamvu lwemali endundumeni yesihlabathi, ngilahlekile!"

43 Ngathi, "Kodwa awudingi ukuhlala ungaleyondlela. Ukhona Omunye omile okhona manje ongakuthola ngomzuzu osulungele ukutholwa ngawo."

Yathi, "Sengilungele."

Ngathi, "Ungalikhothamisa ikhanda lakho na?"

Yathi, "Anginamahloni."

Akusikho lokho kuphela, kodwa yaguqa ngamadolo ayo, lapho kuleyondawo yokupaka, phambi kwabo bonke abantu. Abantu emgwaqeni beyibukela. Lapho sakhuleka nayo, yaze yanikela uNkulunkulu inhliziyo yayo. Yenyuka, iyisoni; yabuyela emuva, isingumntwana kaNkulunkulu. Yenyukela eceleni kwemoto, ifile; yase ibuyela emuva, isiphila.

44 Ngathi, "Ichibi lizobe livuliwe kusasa."

Kukhona umthombo ogcwaliswe ngeGazi,
Elimuncwe emithanjeni kaImanuweli
Lapho izoni zibhukuda ngaphansi kwethantala,
Kusuka lonke ibala lazo lecala.

Ngathi, "Sukuma ubhaphathizwe eGameni likaJesu Kristu, ubiza iGama leNkosi. UNkulunkulu uzokugcwalisa ngoMoya oNgcwele, futhi akuphe lezizinto ezinkulu, futhi akwenze kanjalo ukuze uKubone."

45 Kuyini na? Izwe liqonde kuvuthwondaba. Ngani na? Umoya wokungabi-namthetho, ukobola kokuziphatha, inkolo yesayense, kuliholele ekubeni "yindawo yokuhlala zonke izinyoni ezizondekayo nezingcolile," njengoba iBhayibheli lasho. Asikufunde, iZambulo 18. Nje ngenkathi sisaqalisa leliphuzu, sithola iZambulo 18:1 kuya kwele 5. Ngicabanga ukuthi nginakho lokho kumakwe kahle.

*Emva kwaloku ngabona enye ingelosi yehla ezulwini, inamandla amakhulu; nomhlaba wakhanyiswa ngokukhazimula kwayo.*

*Yamemeza ngezwi elikhulu,* (manje ninabantu enibe namaphupho)*. . .yathi,* Liyawa, *li*yawa *iBabiloni elikhulu, selibe-yindawo yokuhlala amademoni, nendawo yokubopha bonke omoya abangcolileyo,. . . ndawo yokubopha zonke izinyoni ezingcolileyo nezizondekayo.*

*Ngokuba izizwe zonke ziphuzile iwayini lolaka* (ibandla) *lobufebe balo, namakhosi omhlaba afebile nalo, nabathengisi bomhlaba* u*cebile ngamandla okutamasa kwalo.*

*Ngase ngizwa elinye izwi livela ezulwini, lithi, Phumani kulo, bantu bami, ukuze ningahlanganyeli nalo izono zalo,. . .kuba ningamukeli okwezinhlupho zalo.*

*Ngokuba* isono salo si*finyelele ezulwini, noNkulunkulu* ukhumbula *ukungalungi kwalo.*

46 Isixwayiso esinje pho! Lokho kuphosa ibandla kulibuyisele impela eZambulweni 3:14, onyakeni waseLawodikeya, ukungabi-namthetho; bakholwa impela, kodwa aba-namthetho. "Wena, ngoba uthi, 'Sicebile, asisweli-lutho,' kanti kawazi ukuthi uhamba-ze, ungowokuhawukelwa, uphuphuthekile, kanti akakwazi." Ngokuphelele nomBhalo walonyaka, hhayi womBhalo wonyaka kaDanyeli, hhayi leyo egameni lika. . . unyaka kaNowa, kodwa kulona wokugcina, unyaka omubi.

47 Qaphelani lapha, "Uhamba-ze." Lokho makucwile kujule impela. Ngiyazi ngingaba nokuningi ukungavumelani kulomcabango, kodwa sekufike endaweni ukuthi umKristu

sekul'khuni ukuba ahambe aphume endlini yakhe futhi angalethwa ebukhoneni balonyaka omubi, ngabesifazane abagqoke izingubo ezingalingene.

48 Sifazane, ngizosho lokhu, futhi ngifuna nilalele. Futhi, silisa nabesifazane, ningahle ningavumelani nalokhu, kodwa ngizwa ngiholeleka ukuba ngikusho. Benazi yini, noma yimuphi owesifazane ozikhumula izingubo kanjalo akaphili kahle engqondweni yakhe na? Niyazi yini, unjalo, noma ngabe uyakukholwa noma qha, noma akacabangi, uyisifebe na? Nakuba owesifazane engama nesandla sakhe phambi kukaNkulunkulu futhi afunge ukuthi akakaze athintwe yinoma yiyiphi enye indoda kuphela yindoda yakhe, futhi lelo kungahle kube yiqiniso eliqotho, kodwa noma kunjalo uyisifebe. UJesu wathi, "Yilo nalowo obuka owesifazane amkhanuke usephingile naye." Nowesifazane angahle a . . .

49 Niyabo, u "hamba-ze," iBhayibheli lathi, "kanti akazi." UMoya omgcobayo ukuba enze izinto ezinjalo ngomubi, umoya wesifebe. Umuntu wakhe ongaphandle, umzimba wakhe wenyama, inyama yakhe, angahle abe ngohlanzekile. Angahle angaphingi, futhi akwazi ukufunga kuNkulunkulu futhi kube yiqiniso, ukuthi akakaze, kodwa umoya wakhe ungumoya wesifebe. Uphuphuthekiswe kakhulu ngunkulunkulu walelizwe lefeshini; ugqoke okukhanukisayo wase ephumela lapho.

50 Ngoluny'usuku, uMfowethu Woods nami sasifaka isikebhe sethu emfuleni. Ngangingezukubabikho endlini imizuzu embalwa, ukuba ngenyuke ngiye emfuleni. Futhi nomaphi lapho owawuya khona, abesifazane nalezizinqwaba ze . . . okubizwa ngama 'kinis noma okuthize, abazithandele ngakho. Lelo yihlazo. Owesifazane angeke aba ngophile kahle engqondweni yakhe futhi agqoke noma yini enjalo. Ukhwelwe wumoya wesifebe. Manje, kuxazulule lokho noNkulunkulu, nenekazi, ngoba uzothola ngoluny'usuku ukuthi lelo yiQiniso.

51 Ubungakwenza kanjani, inenekazi, wazi ukuthi umzimba wakho ungcwele kanjani, bese uwuveza obala phandle lapho kulawa anenkanuko, amademoni anesono ahamba kulomgwaqo walolusuku na? Uma amadodana kaNkulunkulu onke abesalokhu engamadodana kaNkulunkulu indoda yakho ibiyindodana kaNkulunkulu, bekuyoba phakathi kokuthi ibiyokwenza wembathe izingubo noma ikushiye. Uma umfana ubeyindodana kaNkulunkulu, ubengeke neze ashade nento enjalo. Niyabo?

Wena uthi, "U mak- . . . " Qhabo.

Nginitshela iQiniso, futhi ngoluny'usuku niyodibana naKho. "Uhamba-ze, ukuphinga; awazi."

52 "O, ngiyafunga ukuthi angikaze ngiyeqe imithetho yendoda yami." Indoda yakho iyokwehlulela ngakho uma ukwenzile. Kodwa uNkulunkulu uyokwehlulela ngokuthi hlobo luni lomoya

onawo kuwe; angehluleli ngomzimba wakho, kodwa ngomoya wakho, lowomuntu ongaphakathi.

53 Umuntu ongaphandle uyisidalwa esiyinyama esilawulwa yimizwa eyisithupha . . . noma imizwa emihlanu, njalo. Umuntu ongaphakathi ungumuntu ongumoya olawulwa yimizwa emihlanu; unembeza, nothando, kanjalonjalo. Umuntu ongaphandle; ukubona, ukunambitha, ukuthinta, ukuhogela, ukuzwa.

Kodwa ingaphakathi lalowomoya ngumphefumulo, futhi ulawulwa yinto eyodwa, intando yakho yokuzikhethela. Ungemukela lokho okushiwo ngudeveli noma wemukele lokho okushiwo nguNkulunkulu. Nalokho kuyonquma ukuthi moya muni ophakathi lapho. Uma kunguMoya kaNkulunkulu, Uyozondla ngezinto zikaNkulunkulu, futhi Ungeke uzondle nganoma yini okungokwezwe. UJesu wathi, "Uma nithanda izwe noma izinto zezwe, yingoba uthando lukaNkulunkulu alukaze ngisho lungene kulengxenye engaphakathi." USathane ukudukisile. "Futhi akusinkwa sodwa umuntu ayakuphila ngaso, kodwa ngamaZwi onke aphuma emlonyeni kaNkulunkulu."

Qaphelani manje, sithola ukuthi u "hamba-ze," uyakhanuka futhi unqunu.

54 Nezwe libonakala lisonyakeni omubi kakhulu kakhulu owake wabakhona. Akukaze kunoma yimuphi unyaka abesifazane baze baziphathe kanjalo, akukaze kodwa nje ngaphambi kwembubhiso yezwe lamandulo ngaphambi kokubhujiswa ngamanzi. NoJesu wabhekisa kulo. Sizongena kulokho emva kwesikhashana.

55 Ngabe uNkulunkulu uselahlekelwe ngukulawula, noma ngabe Uvumela nje okunye okusebenzayo ukuba kulawule na? Ngiyamangala. Impendulo eqinisileyo kulombuzo ingukuthi, ngombono wami, kukhona imimoya emibili ephikisanayo ezweni namhlanje, esebenzayo. Manje, ngeke kwabakhona angaphezu kwamabili, amakhanda amabili. Futhi oWodwa wayo nguMoya oNgcwele osebenzayo; omunye ngumoya kadeveli, futhi, ngalezizinsuku zokugcina, ekudukiseni.

Manje ngizosekela imicabango yami khona lapha kuyo yonke indikimba esele, osele lo u . . . uMlayezo wethu.

56 Imimoya emibili. Owodwa wayo, uMoya oNgcwele kaNkulunkulu; omunye, umoya kadeveli, usebenza ekudukeni. Abantu bomhlaba manje benza ukuzikhethela kwabo.

UMoya oNgcwele ulapha ubizela ngaphandle uMlobokazi kaKristu. Ukwenza ngokuqinisekisa iZwi laKhe lesithembiso kuYe, salonyaka, kukhombisa ukuthi UnguKristu.

Uma umunwe ufanele unyakaze kulonyaka, umunwe uzonyakaza. Uma unyawo lufanele lunyakaze kulonyaka,

unyawo luzonyakaza. Uma iso lizobona kulonyaka, iso lizobona. Niyabo?

UMoya kaNkulunkulu, lapho Ukhulela esithombeni esigcwele sikaNkulunkulu, ngunyaka esiphila kuwo manje. UMoya oNgcwele ulapha uqinisekisa uMlayezo wehora. NoMoya oNgcwele wenza lokhu, ukuze kuthi abantu abakholwa nguNkulunkulu bazobizelwa ngaphandle kwalenxushunxushu.

Umoya ongengcwele kadeveli ulapha ubiza ibandla lakhe ngokuduka, njengokwejwayelekile, ngempendukezela yeZwi likaNkulunkulu, njengoba enza ekuqaleni. Niyabo? Ubuyela ngqo kulesosikhathi sembewu futhi, kusukela e-Edene, nanku futhi.

57 Manje, emuva ukwedlula lapho, ni belong-. . . eminye iminyaka, nanisonta emahlelweni, nanisonta ku *leli, lelo,* noma *elinye*. Kwenzekani ohlangeni lwehlelo na? Luyoma nkwe. UMoya uqhubeka nokushiya futhi uqhubekela phambili, futhi Uphethela eMbewini. Niyabo?

58 Nokulingwa, kwayo yomibili, amabombo abheka emuva ngendlela efanayo nowawuyiyo ekuqaleni. Qaphelani. Ninga—ninga, qha, ningakukhohlwa manje.

NjengoJohane, uJohane wokuQala 4:5 nelesi 6, uma nifuna ukukubhala phansi lokho, ukubeka ngokuthi, "umoya wokuduka."

UEva akazange nje ahambe aphume kalula, ngamabomu, athi, "Angimkholwa uNkulunkulu." Qhabo. Kwaba ngukuduka akukholwayo.

59 USathane akaphumi neze wayesethi, "O, awu, lelo akusilo ngisho neZwi likaNkulunkulu." Wavuma ukuthi kwakuyiZwi likaNkulunkulu, kodwa wafaka ukuhumusha okungokwakhe kuLo. Okungukuthi, uNkulunkulu ngokucacile wabatshela ukuba bangakwenzi.

Kwenzani lokhu na? "Kwenza amandla okuduka, ukuba abantu bakholwe ngamanga, futhi balahlwe yiwo." Manje uma nifuna ukukufunda lokho, kwabaseThesalonika besiBili 2:11

60 Njengoba nginayo cishe, imiBhalo embadlwana lapha, futhi ngeke sikwazi ukuyifunda yonke. Owodwa ngasikhathi, ngizoninika yona. Njengoba kubonakala kuyisimanga, ukuthi niyawubuza noma okuthize, futhi singahle siwubhale phansi futhi siwufundele ukuni—nisiza.

61 "Enza amandla okuduka," njengoba iBhayibheli lathi kuyoba yiwo, kwabaseThesalonika besiBili. "Manje, lomuntu wesono uyofika abe khona, bese ehlala ethempelini likaNkulunkulu, ezikhombisa ukuthi wayenguNkulunkulu, futhi abangele abantu ukuba bangene emandleni okuduka, ukuba bakholwe ngamanga; futhi, bawakholwe, bayolahlwa yiwo."

Leyo yinto efanayo ayenza kuEva. Umnika... Akamtshelanga neze—neze ukuthi iZwi lalingaqinisile, kodwa umnika amandla okuduka, ukuthi wakholwa ngamanga.

62 Umoya wokuduka ungokadeveli. "Odeveli manje besebenza kubantwana bokungalaleli." Ukungalaleli kukuphi? Abalaleli kukuphi abantwana balolusuku na? Njengoba wayenjalo uEva, ekuqaleni, iZwi likaNkulunkulu leqiniso. Kunjalo. Manje uma beningafuna ukuthola lokho...

Asikuphenye, kwabase-Efesu 2, umzuzu nje, ngoba kubonakala kukuhle ukuthi si...Ngizoma umzuzu nje, uma ningekho ekujaheni okukhulu, futhi ngifunde okunye kwalokhu. Kwabase-Efesu 2:1 kuya kwele 2.

> *Uniphilisile nani, enanifile ngeziphambeko nange*sono:
>
> *Enanikade nihamba kuzo ngokwendlela yalelizwe, ngokombusi wamandla omkhathi, ongumoya osasebenza kubantwana bokungalaleli:*

63 "Abantwana bokungalaleli." Futhi uma umphikukristu, eqala lapho ebunganeni bokungalaleli, kuyoba njani uma usuphethela kumuntu ongumphikristu na? Uyodukisa kanjani nje! Kunamandla amakhulu kangakanani ukudukisa o—omdala angakunikeza ezweni kunomntwana osancelayo na! Futhi wathi, "Umoya wo—wokuduka manje osebenza kubantwana abangalaleli," ukungalaleli iZwi. Qaphelani. Manje ngifuna ukuhlala kulokhu umzuzu nje, "abantwana bokungalaleli," umntwana.

64 Bewazi yini, wena, ukuqala kwakho, ngingafakazisa ngeZwi likaNkulunkulu ukuthi wena, noma yimuphi umuntu ophakathi lapha, wawuphila kukhokho wakho. Nokhokho wakho, wavezwa phansi kumkhulu wakho, wase uya kuyihlo, kwase kuba kuwe-ke. Niyakwazi lokho na?

IBhayibheli lasho, ngikholwa ukuthi kukumaHeberu 7, ukuthi, uMelkisedeki, lapho uAbrahama ebuya ekubulaleni amakhosi, "UAbrahama wakhokhela uMelkisedeki okweshumi kwayo yonke impango." Futhi nangu uPawulu esho manje, ukuthi, "ULevi, owemukela okweshumi, wayese...Wakhokha okweshumi, ngokuba wayesesokhalweni lukaAbrahama mzukwana uMelkisedeki emhlangabeza." Ngakho noma ngabe yini lokho okwenziwa nguAbrahama, manje-ke siyathola ukuthi uLevi wayekuAbrahama ngaleyonkathi, owayengukhokho wakhe. UAbrahama wazala uIsaka; uIsaka wazala uJakobe; uJakobe wazala okhokho, uLevi.

Manje, manje-ke, niyabo, nakhu kufika ekubonakaleni okupheleleyo, ukumiselwa ngaphambili.

65 Manje, kulemiLayezo, ngifuna uku—uku—ukugcizelela izinto enginitshele zona eMlayezweni, walokhu ukuKhanya kwakusihlwa uNkulunkulu athi kwakuzofika phezu komhlaba.

66 Futhi qaphelani, manje-ke. "Isilo esasizofika phezu komhlaba, siyodukisa bonke labo abamagama abo ayengalotshwanga eNcwadini yokuPhila yeWundlu, elihlatshiweyo ngaphambi kokusekelwa kwezwe."

67 Ekucabangeni kwakhe uqobo uNkulunkulu; uNkulunkulu, uMoya omkhulu. Ekuqaleni, ngaphambi kokuba kubekhona ukuqala, WayenguNkulunkulu, futhi benazi yini ukuthi nanikuYe ngaleyonkathi na? Uma ungumKristu manje, wawukuYe ngaleyonkathi.

Bese kuthi-ke, uma lokho kuba njalo, bonke ubuNkulunkulu ngokomzimba bubumbeke eMntwini kaJesu Kristu. Bese kuthi-ke ngenkathi uJesu efa esiphambanweni, ngafa naYe, ngokuba ngangikuYe ngaleyonkathi; ngokuba Wayengukugcwala kweZwi, libonakalisiwe, azi ukuthi sasizobonakaliswa kamuva. Futhi sasiseKalvari naYe. Sahamba sangena ethuneni naYe. Futhi savuka naYe nokuvuka kwaKhe. Futhi manje senyuke naYe, ngoMoya waKhe, saya esiHlalweni sobukhosi somusa, sihlezi ndawonye ezindaweni zaseZulwini kuKristu Jesu. Njalo!

68 Ngokuba njengoba imbewana yokuphila kwemvelo yehliswa, ibumbeka isuka kubaba iya kubaba, iya kubaba, iya kubaba, kunjalo nokuPhila kukaKristu kuyabumbeka.

Yingalesosizathu uNkulunkulu esebenzisa uMoya kaElija izikhathi ezinhlanu ezehlukene. Kuyini na? Kungukumukezelana.

69 Njengokuphila kwakho kwemvelo nje nokhondolo kumukezelwa kusuka ekuzalaneni kwemvelo kukayihlo, unjalo noMoya kaNkulunkulu, owamiselwa ngaphambili ngaphambi kokusekelwa kwezwe.

Futhi lapho lonke nya iZwi likaNkulunkulu, ekupheleleni, seliyophethela emzimbeni womuntu owawubizwa ngoJesu Kristu, phakathi lapho uNkulunkulu wangenza ukuba ngikhokhele izono zami, kuYe lapho. Wase Engivusa-ke, wangivusa naYe, ekuvukeni. Futhi manje sesihlaliswe naYe, sinamandla negunya phezu kwabo bonke odeveli. O, ukuba nje kuphela beningakholwa lokho uNkulunkulu akunikezile! Kodwa uma ningahlalisiwe lapho, aninawo. Futhi uma nihlaliswe lapho, futhi ningawakholwa, noma nesaba ukunyakaza, anisoze nawasebenzisa. Kodwa uma nihlaliswe lapho, niyowasebenzisa, ngokuba nimiselwe ukwenza lokho enikwenzayo.

70 "UFaro," ngakweliny'icala, "wavuselwa leyonhloso," iBhayibheli lasho, ukuba abe nguFaro. "UJuda Iskariyothe wavuselwa ukuba abe yindodana yokulahlwa."

Manje qaphelani lamaQiniso amakhulu esisondela kuwo.

71 Manje siyabona ukuthi ibandla lenqaba ukwemukela iZwi likaNkulunkulu ukuba libuse phezu kwabo, futhi bemukela uBaraba esikhundleni. Manje, uma nifuna umBhalo kulokho, nguMathewu 27:15 kuya kwelama acabanga 23. Kwenzani lokhu na? Sikhundla sini lokhu okwasenzayo na? Manje ama acabanga. Lapho ibandla lezwe, empilweni yalo ehleliwe yolungile, umuntu ongcwele, njengoba babecabanga ukuthi babeyibo, futhi babeyibo emehlweni abantu, babethela uJesu, futhi bathi, "Ngeke sibe naloMuntu ukuba abuse phezu kwethu." NoJesu wayengukugcwala kweZwi likaNkulunkulu. UJohane wokuQala 1, uyakuzwakalisa. Futhi bathi, "Ngeke sibe naleliZwi likaNkulunkulu ukuba libuse phezu kwethu." Nokho, WayeyiZwi, kodwa amehlo abo ayephuphuthekile kulokho Ayeyikhona. Ngokuba Wayeyimpendulo eqonde ngqo kuso sonke isiprofetho esasizofezeka kuYe.

Manje, sonke siyakukholwa lokho, ngoba sibuka emuva ukukubona kwenzeka. Kodwa uma izwe belingaba khona, elikhona manje, lonyaka omubi okhona, ukuba wawukhona emuva lapho ngalesosikhathi, bebeyokwenza into efanayo nabayenza namhlanje, ngoba kuseyiZwi elifanayo, lalonyaka, libonakaliswa. Bayokwenza. Akukho okunye abangakwenza. "Bangabantwana bokungalaleli." "Banikwa amandla okuduka, ukuba bakholwe ngamanga, futhi balahlwe yiwo."

72 Qaphelani lapho ibandla lezwe lingamemukeli uJesu, iZwi, libonakaliswa ngalolosuku, ngoba (ngani na?) babenaLo lihunyushwe ngenye indlela. Kodwa babefanele bazi ukuthi WayeyileloZwi, ngoba yonke into uNkulunkulu ayethe Wayezoyenza, Wayenza. Futhi Wathi kubo, "Hlolani imiBhalo yalelihora; futhi uma Ngingahlangabezani nesidingakalo esakhuluma ngaMi ukuthi ngiyosenza, khona-ke ningaNgikholwa."

Bathi, "Sikholwa uMose."

73 Wathi, "Ukuba benikholwa wuMose, beniyokholwa yiMi, ngokuba uMose wakhuluma ngaMi." Futhi noma kunjalo abakubonanga. Yena impela uNkulunkulu waseZulwini efa esiphambanweni, futhi esho amazwi afanayo umprofethi athi Wayezowasho, futhi noma kunjalo abakubonanga. Niyabo?

Babengesibo abohlobo lwaKhe. Babengesilo iZwi, bengesilo iZwi; futhi bona, nokho, babe—babekholwa impela. Kodwa babengesilo iZwi, ngokuba La—Lalizoyiqonda indawo yaLo lalelohora.

74 Qaphelani ukuthi imiBhalo ibophelana kahle kanjani ndawonye kuyo yonke iminyaka. Qaphelani manje.

Futhi lapho ibandla lezwe lingenakuba neZwi likaNkulunkulu ukuba libuse phezu kwabo, bemukela umbulali, uBaraba. Kwenzani lokhu na? Kwaphakamisa uSathane,

unkulunkulu walonyaka omubi, waya endaweni ayelokhu eyifuna njalo.

Manje lalelani. Ngokuba, uSathane akukhulunywa ngaye engunkulunkulu wanoma yimuphi omunye unyaka kodwa lonyaka. Akukhulunywanga ngaye engunkulunkulu wonyaka kaNowa. Akukhulunywanga ngaye e—engunkulunkulu wonyaka kaMose, unkulunkulu wonyaka kaElija. Kodwa, lonyaka omubi, uyi. . . O, ningakugeji! Ungunkulunkulu walonyaka omubi, ukhonzwa yizigidi zezigidigidi zabantu, futhi abakwazi. Kodwa ake sidedele umBhalo umembule kulokhu ukusa, futhi ake sibone, khona-ke nizokwazi. Dedelani umBhalo . . .

75 Njengasemihlanganweni yokwehlukanisa ngokubona okufihlakeleyo, lapho uMoya oNgcwele ungena phakathi kweZwi laKhe futhi ubiza lomuntu wase uthi, "Awuhlangene ngalutho nokuhlala nalona omunye wesifazane. Wakwenzelani lokho, eminyakeni eyishumi eyedlula, ngenkathi ubaleka nalowomfazi womuntu na?" Wenzani na? Uyamembula, udalula uSathane, obophe indoda, noma owesifazane ehlala nendoda yomuny'umfazi, noma izono abazenzile, izinto abazenzile. Kwenzani na? Kuyamdalula.

76 Udokotela bathatha amathuluzi futhi bazame ukuthola ukuthi yini engalungile. Abakwazi ukukwenza. Ngeke sasho. Kodwa manje-ke uMoya oNgcwele uyaphuma bese uyembula ukuthi ungubani, bese uyamdalula." Niyabo? Liyilokho-ke iZwi likaNkulunkulu. LingukuKhanya okukhanya ebumnyameni.

Futhi uma uthatha umsindo ekamelweni, uzwakala uyimfihlakalo; isigejana sento ethize sisebenza, futhi ungazi kuyini. Khanyisa, masinyane. . . Izinyekevu, amaphela, ba—bangabantwana bobumnyama. Futhi uma ukukhanya kubaneka, bayahlakazeka.

"Baphuma kithi ngoba babengesibo abakithi," iBhayibheli lasho. Niyabo? Ngeke bakwazi ukuhlala ekuKhanyeni kwezwe. . . Ngokuba, uNkulunkulu waseZulwini uthumele ukuKhanya kwaKhe ngalezizinsuku zokugcina, ukuze Akhanyise indlela yabantwana baKhe, ukuze bangahambi ebumnyameni nasesikhubekisweni, kodwa ukuze bahambe ekuKhanyeni kokukhanya kukaJesu Kristu, onguye izolo, namuhla, naphakade. Amen!

77 Qaphelani, uSathane akabizwa ngonkulunkulu wanoma yimuphi omunye unyaka kodwa lonyaka. Kwakuyimpokophelo yakhe ukuba abe njengoNkulunkulu, kusukela ekuqaleni impela.

Asikufunde lokho. Sizothatha isikhathi sethu nje. Asibuyele e. . . Niyabo, nginakho kubhalwe phansi, uIsaya 14. Asibuyele lapha kuIsaya 14, umzuzu nje, futhi sibone ukuthi uNkulunkulu wathini. "Unkulunkulu," ukuthi uSathane wenzani. UIsaya 14:12 nele 14. Qaphelani.

*Yeka ukuwa kwakho ezulwini, O Lusifa, ndodana yokusa! nokunqunyelwa kwakho phansi, wena owawuthobisa izizwe!*

*Ngokuba wena wathi enhliziyweni yakho, Ngiyakukhuphukela ezulwini, ngiphakamise isihlalo sami sobukhosi phezu kwezinkanyezi zikaNkulunkulu* (amadodana kaNkulunkulu, manje,): *ngiyakuhlala futi entabeni yomhlangano, ezinhlangothini zenyakato:*

78 Kwakuyimpokophelo kaSathane ukuba akhonzwe njengoNkulunkulu. Wathatha okubili kokuthathu, okubili kokuthathu, kwezinkanyezi zeZulu. Wazikhuphula yena uqobo waba ngaphezu kwalezo zinkanyezi, futhi washumayela kuzo, futhi wadukisa okubili kokuthathu kwazo. Niyakubona na? Kulungile. Qaphelani, leyo yimpokophelo yakhe.

Futhi manje uselungele, ngowakhe okhethwe ngokunakekela, umlobokazi ofundile ngolwazi lwakhe uqobo, niyabo, ependwe konke ekudukiseni kwakhe, kwezakhiwo ezinkulu namahlelo amakhulu, nopende bolwazi nesayense yezenkolo, nosmati nohlakaniphile, nofundile, ukudukisa umhlaba wonke, futhi uba ngu “nkulunkulu.” Yilokho akwenzile. Konke kuphethela kumuntu womphikukristu, osevele uthweswe umqhele “umbambeli kaNkulunkulu,” ngowakhe othanda ngokwezwe, umlobokazi wesayense, egqoke konke ngokuvunula kokuhlakanipha, imfundo yezenkolo. Wenziwe wakholwa njengaye, nangokuhumusha kwakhe uqobo kweZwi likaNkulunkulu njengoba enza uEva, nanjengoba indodana yakhe uKayini enza.

Manje wena uthe, “Indodana kaSathane na?”

79 Ngikhombise indawo eyodwa eBhayibhelini lapho uKayini ake abizwa khona ngendodana ka-Adamu. IBhayibheli lathi wayeyi “ndodana yalowo omubi,” inzalo yenyoka. Qhabo, isembozo sesisusiwe manje, mfowethu. Isivivane sesivuliwe, njengoba isambulo sakhombisa.

80 Qaphelani ukuthi uyokwenzani, imicabango yakhe. Wayecabanga ukuthi uNkulunkulu wayehlala ebuhleni bezwe. Wakwenza lokho eZulwini. Isono asiqalanga neze eNsimini yase-Edene; siqala eZulwini, lapho uLusifa, indodana yokusa, eziphakamisela ebuhleni, futhi efuna umbuso omuhle kakhulu ukwedlula lowo kaMikayeli. Futhi wayecabanga ukuthi uNkulunkulu wayehlala ebuhleni.

81 Futhi qaphelani uKayini. Wayengafuni-mhlatshelo wegazi. Uyeza ehla wase enikela ngesithelo, noma—noma amasimu obuhle phezu kwealtare lakhe. Ekholwa impela, wenza konke, lokho, impela nje njengoba kwenze uAbela; wanikela ngomhlatshelo, wawa phansi phambi kukaNkulunkulu ekukhonzeni, walalela ngayo yonke indlela, kodwa ngaphandle kwesambulo seZwi.

NeZwi lalikhona, kusukela ekuqaleni, icebo likaNkulunkulu. Kodwa uNkulunkulu wembula, ngesambulo, yona impela into Ayiqinisekisa futhi wayigcizelela ukuthi yayiqinisile. Hhayi inkolo, hhayi ialtare, hhayi ukuba ngowesonto, hhayi ukwenza umhlatshelo, hhayi ukuba qotho; kodwa ngesambulo seZwi likaNkulunkulu. UNkulunkulu embula kuye ukuthi kuyini ukuthi ku . . .

Unina akathathanga iapula alinikwa yinyoka, kodwa waba nokulalana nomuntu kaSathane, esesimweni sesilwane; hhayi isilwane esihuquzelayo, kodwa esisimati kunazo zonke, esinobuqili ukwedlula zonke ezasendle, umfanekiso womuntu, into kuphela imbewu eyayingaxubana phakathi. Manje isayense izama ukumthola. Futhi abasoze bamthola, ngoba onke amathambo emzimbeni wakhe aguquliwe. Kodwa iBhayibheli likumemezela ngokuthi kunjalo.

82 Qaphelani ukuthi lomfo uzokwenzani manje. Lomfo, "Uyohlala ethempelini likaNkulunkulu," okungukuthi, ibandla, "ezembula ngokuthi unguNkulunkulu." Manje uma nifuna ukukufunda lokho, lokho kukwabaseThesalonika besiBili 2:3 nele 4, neZambulo 13:4, 11 nele 12; lapho kwakhuluma khona, bobabili abaprofethi, bobabili uJohane noPawulu, ngalokho ayoba yikho ngezinsuku zokugcina. Manje kufundeni, ngoba nginakho kubhalwe phansi lapha. Kodwa ngi . . . ukonga isikhathi manje.

83 Usuku esiphila kulo lubizwa ngokuthi, eBhayibhelini, "usuku lomuntu," usuku lomuntu. Lolu akusilo usuku lukaNkulunkulu. UNkulunkulu akasuye unkulunkulu walomhlaba; iBhayibheli lithi Akasuye. UnguNkulunkulu waseZulwini. Kodwa lolu akusilo usuku lukaNkulunkulu.

Lolu wusuku lokuzikhethela. Kuphakathi kokuthi, uphilela inamuhla, futhi ufe; ukhethe uNkulunkulu, futhi uphile. NoNkulunkulu uyiZwi, neZwi liyiZwi elibonakalisiwe lehora nosuku.

84 Qaphelani, "usuku lomuntu." Uma nifuna ukukubhala phansi lokho, bengizokufunda. Kodwa kwabaseKorinte bokuQala 5:1-5 . . . KwabaseKorinte bokuQala 4:1-5, ngiyaxolisa, kwabaseKorinte 4:1 nele 5, kwakunguPawulu ekhuluma ngokwehlulelwa ngumuntu, ngosuku lomuntu.

85 "Usuku, ulubizela ukuthini ngosuku lomuntu na?" ubungasho njalo. Kuwusuku lapho imisebenzi ngolwazi lomuntu kudunyiswa lona.

Bukani ukuthini, konke ukukhuluma iwawa kwamakhomanisi, omunye ezama ukusa omunye enyangeni. UNkulunkulu uzama ukusa umuntu eZulwini. Niyabo? Kodwa bukani ukuthi bazichitha kanjani izigidi nezigidigidi nezigidigidikazi zamadola, emzamweni oyize. Uma befika lapho, abazukuthola lutho. Yin'indaba ngabo na?

Anginandaba nenyanga. Ngifuna ukwedlula inyanga ngejubane elikhulu ngangokuthi ngeke ngiyibone ngisho; ngibe ngilokhu ngiya phezulu. Ngifuna ukwedlula uMthala oMhlophe, ngiqhubeke, ngilokhu ngihamba nje. Yebo!

86 Nezwe namhlanje lizinikela bona ekwazini okuvela ngoSathane. Nosuku lomuntu luyadunyiswa, hhayi ngeZwi likaNkulunkulu, kodwa ngolwazi analo.

Manje cabangani. Lokho makucwile kungene. Futhi uma usuphinda udlala leteyipu, kuleliphuzu lapha, ume isikhashana bese ucabanga.

Imisebenzi yakhe iphakeme ngaphezu kweZwi likaNkulunkulu nemisebenzi ebonakalisiwe; ukuhlakanipha kukaSathane, akupha uEva ekuqaleni. Manje lalelani; ningakugeji lokhu. Ukuhlakakanipha kukaSathane kuphakanyiselwe esihlalweni sobukhosi sokukhonza, kumuntu, ngaphezu kweZwi likaNkulunkulu eliqinisekisiweyo lehora. Amabandla ethu liyakufakazisa lokho ngamakholiji abo—abo, izikole zokufunda, esifundisa ukwedlula iZwi likaNkulunkulu elaziyo ngaLo, bacabanga kanjalo. Futhi lapho, uDokotela u*S'bani-bani,* noThisha u*S'bani-bani,* noProfesa u*S'bani-bani* uphakamise ulwazi olungolwabo, olubizwa kanjalo nge (oluvela kuSathane) qiniso, ngaphezu kwesithembiso esiqinisekisiwe sikaNkulunkulu, senziwe sacaca phambi kwabo ngqo. Nomuntu uthathwa yikho. Niyabo?

87 Izimpumelelo zakhe zesayense, ezama ukufakazisa ukuthi iZwi likaNkulunkulu linephutha. Ake nicabange ngalokho nje. Yena, eyakhe, okungukuthi, isayense yezenkolo yomuntu, ichaza iZwi likaNkulunkulu kubantu, futhi iLenze libe-yize futhi, njengoba ayenalo ngonyaka wamahlelo ngenkathi uJesu ebonakala emhlabeni. UJesu wathi, "Nina bazenzisi! Nina, ngesiko lenu," lokho ngukuhumusha kwabo, "uthathe iZwi likaNkulunkulu futhi waLenza laba-yize kubantu." Futhi leyo yinto efanayo nabayenze namhlanje. Liba-yize.

88 Qaphelani, "Bona," abantu, "bamkhukhumeza abe ngaphezu kwakho konke okuthiwa nguNkulunkulu." Abasho yini abaseThesalonika besiBili ukuthi bayokwenza na? Negunya lebandla lehlelo, abantu bekholwa yilelohlelo ukwedlula ukuba bekholwa nguNkulunkulu. NoNkulunkulu uyiZwi. Bayokholwa yisivumokholo sabo sehlelo ngaphezu kweZwi, o "zikhukhumeza phezu kwakho konke okuthiwa uNkulunkulu." Futhi munye kuphela uNkulunkulu, futhi lelo yiZwi.

"Konke okuthiwa uNkulunkulu; aze athi yena njengoNkulunkulu ahlale ebandleni likaNkulunkulu, efakazisa ukuthi unguNkulunkulu," ngoba usenabantu abamkhonzayo. UNkulunkulu uyiZwi. Futhi uzikhukhumeza phezu kwakho konke okuthiwa uNkulunkulu. Futhi munye kuphela uNkulunkulu, nalowoNkulunkulu yiZwi. Niyabo? "Nakho

konke okuthiwa uNkulunkulu," ngu, unkulunkulu walonyaka uzikhukhumeze phezu kweleqiniso, iZwi likaNkulunkulu eliqinisekisiweyo. Lowo nguJohane oNgcwele 1. Niyabo? "Phezu kwakho konke okuthiwa uNkulunkulu, aze athi yena njengoNkulunkulu ahlale ethempelini likaNkulunkulu," ngegunya.

Bukani, futhi uyadunyiswa ngakho! O, makuthi abantu, Nkulunkulu, bakubone lokho kuduka! Uyadunyiswa ngakho, futhi ngesizotha ukholwa ngabantu balonyaka omubi. Manje niyambona unkulunkulu nezinceku zakhe zalonyaka omubi na?

89 Manje ake sikubhekisise kubonakaliswa. Uthi ubenzela izwe elingcono ukuba bahlale kulo, ngolwazi lwakhe olwehlukene neZwi likaNkulunkulu elingehluleki neze. Kodwa ngokuhlangana kwakhe ndawonye, emahlelweni, nezivumokholo, nokuhlakanipha, nokwesayense, kanjalonjalo, wenzela umuntu izwe elingcono ukuba ahlale kulo, futhi enganaki isithembiso sikaNkulunkulu, ukuthi isikhathi kuphela izwe eliyolungela ukuthi kuhlalwe kulo kusesikhathini seminyaka eyiNkulungwane. Niyazi, umbono wami, wenze izwe elingcono ukuba koniwe kulo esikhundleni sokuhlala kulo.

90 Qaphelani. Ngabe wakwenza na? Wavumela isono sibe semthethweni. Wavumela ukuba kube semthethweni ukuphuza uwiski, ukubhema usikilidi. Nasemabandleni, wavumela ukuba kube semthethweni ukuba abesifazane bangaba yilunga lebandla, nezinwele ezimfishane. Manje ungake ume umzuzu nje.

91 Angazigqoka izikhindi, afake opende, futhi abe esalokhu engoweqembu lakhe lezenkolo, okuphambene ngokoqobo neZwi likaNkulunkulu. Uthi kulungile. Niyalubona ulwazi lwakhe na? "Kuhlangene ngani lokho nowesifazane na?" Kuyafana nje nokuthatha isithelo esinqatshelwe, kumbe hhayi isithelo esinqatshelwe, kuyilokho nje. UNkulunkulu wathi akungenziwa, kodwa uyakwenza.

92 Futhi uyamkholwa, futhi uyamthanda ngakho. Uzonda uNkulunkulu. Izenzo zakhe ziyafakazisa ukuthi uyamzonda. Uthi uyaMthanda, kodwa uthanda uSathane. Ukhonza unkulunkulu wefeshini, unkulunkulu wezwe, onkulunkulukazi baseHollywood. Uyamthanda, kodwa uzonda iZwi likaNkulunkulu leqiniso, elinguyena kuphela uNkulunkulu weqiniso okhona.

Ukuvumela kube semthethweni emabandleni. "Akukho'kulimaza. Abesifazane bakithi bangakwenza *lokhu, lokho,* noma *okunye*." Kodwa eBukhoneni bukaNkulunkulu ophilayo, akavunyelwe ngisho ukuza, ngaphandle uma ephenduka.

93 Ubona, ungunkulunkulu wobuhle bezwe, unguye. Ufuna ukubukeka emuhle. Futhi ungunkulunkulu wobuhle, kusukela

ekuqaleni. Angakwenza, futhi uphumelele ngolwazi lwakhe kwisayense nezimpahla, ukwenzela ubuhle abakhe, lonyaka oyisibonelo...lonyaka wesimodeni, njalo, wobubi. Wenziwe wamuhle.

94 Qaphelani. Kufanele ukukhunjulwa ukuqaphela. Ekuqaleni, uSeti nabantwana bakhe abazange bahambe ngendlela yesayense.

Manje sizokhuluma ngesayense imizuzu embalwa. Uma ngisho lokhu, ngingakuxoleli ukungazi kwami; kodwa, isigejane sezidomu, noma yini eyophika iZwi likaNkulunkulu. Niyabo? Impela.

Kufanele ukukhunjulwa. Kubhekisiseni. Abantwana bakaSeti abazange bahambe ngomgwaqo wesayense. Babengabelusi abathobile, abalimi, kanjalonjalo.

Kodwa abantwana bakaKayini bahamba. Ngani na? Befakwe ugqozi nguyise, udeveli. UKayini, efakwe ugqozi nguyise, udeveli, nalaba bafakwe ugqozi yileyombewu iza yehla.

95 Bhekisisani inzalo kaNkulunkulu iza yehla ngayo yonke iminyaka, futhi bhekisisani ukuthi iphethelaphi namhlanje. AmaKristu, amaKristu oqobo, awekho onke mayelana nocwaningo lwezesayense nezinto. Qhabo. Umzuzu nje, sizongena kulokho.

Kodwa EkaKayini yakwenza, emva kwemvelo kababa wabo, udeveli, egcwele ulwazi lwezwe, ubuhle, nesayense, kanjalonjalo. Abantwana bakaKayini babengabesayense. Babefundisiwe. Babengabadlali bezinsimbi zomnyuziki—mnyuziki; uElvis Presley wesimodeni, ezinye zalezizinto njengalokho ibhodi lesikole likuvumela kwenzeke enhla lapha emgwaqaneni ongumhubhe ophahlwe yizindlu njalo ngoMgqibelo ebusuku. Abakhi bedolobha, abesifazane abazakhela ubuhle bezinkanuko zabo uqobo, njengoba udeveli enikeza abesifazane upende, futhi bephungula izinwele zabo, futhi bebafaka ezikhindini, nezinto ezinjengalokho. Bona, kungokwezinkanuko zakhe ezingcolileyo. Lokho kubekwe ngokusobala, kodwa angiyazi enye indlela yokukusho.

96 Manje, siyazi ukuthi ivangeli likaSathane liyivangeli lesayense nenqubekela phambili. Walishumayela e-Edene; hhayi uNkulunkulu; lashunyayelwa nguSathane, isayense yenqubekela phambili. Isayense nenqubekela phambili iyivangeli likaSathane. Bukani ukuthi usiholelephi namhlanje, ngalo. Niyabo?

97 Qaphelani, walishumayela e-Edene, kubani na? Kumlobokazi ka-Adamu. Futhi wathatheka yilo. Wamdukisa ekubuzeni elilodwa lamaZwi kaNkulunkulu. Ake sibone ukuthi kufanele ukuthi wathini. Kufanele ukuthi wathi, “Akusikho okwesayense ukuba ufe, kulelibandla elingcwele.” Noma, “Uzofundiswa esikoleni futhi ufundiswe, ukuba ungakholelwa

ezintweni ezingenangqondo njengokufa. Angikhathali noma iZwi likaNkulunkulu lakusho; akunangqondo."

98 O, mbheke namhlanje. "UNkulunkulu unguNkulunkulu olungileyo. Wena usebandleni laKhe elingcwele; ngani, ungeke wafa." Kodwa uNkulunkulu wathi uyofa, futhi lokho kuqeda konke. Niyambona namhlanje na? "O, yiba ngowesonto nje. Akusikho lokho okwenzayo, noma *lokhu, lokho,* noma *okunye*. Woza ebandleni nje futhi ube yilunga elihle. Ugunda izinwele zakho, umbhedo lowo. Futhi uphungula izinwele, futhi ufaka upende, futhi uya emidansweni, nobhiyana omncane kanye ngesikhashana, ngeke kukulimaze, inqobo nje uma ungazitiki ngakho. Ngokusobala, ngifisa sengathi nina bantwana beningakuthatha, ukuze bafunde ukuthi ngabe bayakuthanda noma qha." Nango, unkulunkulu walonyaka, lonyaka omubi.

99 "UNkulunkulu unguNkulunkulu olungileyo." Ngikuzwile lokho kakhulu impela ngize ngigule. UNkulunkulu futhi unguNkulunkulu wobulungiswa. Akasuye umkhulu omdala osangene ongafuqwa asiwe ngapha nangapha, nabantwanyana baKhe abangabazukulu abanasono. UnguNkulunkulu wobulungiswa nobungcwele. Wakufakazisa ensimini yase-Edene, ngabantwana baKhe bokuqala. Wena weqa lowomugqa, welinye lamaZwi aKhe, usufile. Into efanayo iyenzeka namhlanje.

100 Futhi qaphelani, washumayela lolohlobo lwelesayense, elenhlaliswano, elifundisiwe, ivangeli lokuqhubekela phambili kuEva, nomlobokazi ka-Adamu walikholwa. Futhi uphumelele ekugcwaliseni lokho okubizwa ngomlobokazi kaKristu, ibandla lika-Adamu wesiBili, nezimpikiswano ezifanayo. Kunjalo.

101 "O, akusikho akusikho okukaNkulunkulu; uNkulunkulu ulunge kabi ukuthi angake akwenze. Ngani, inqobo nje uma uya esontweni. 'Uma ukholwa.'" Udeveli uyakholwa; akazenzisi, kodwa ukholwa ngempela. Akasindisiwe. "'Uma ukholwa.'" He!

102 Utshela umlobokazi wesibili, noma uMlobokazi ka-Adamu weSibili, ngokufanayo njengoba atshela owokuqala. Njengokuthi nje, "Manje, ukuphilisa kukaNkulunkulu, ayikho into enjalo. Singakufakazisa lokho. Akaze lubekhona udaba oseluke lafakaziswa." "Nalombhaphathizo eGameni likaJesu, manje aniqondi ukuthi yimi engiyigunya lebandla na?" usho njalo. "Sakuxazulula lokho eNayisiya, eRoma," lapho leyomimoya engcolile yaphuma kudrago, abaprofethi bamanga, kanjalonjalo. "Sikholwa ukuthi kukhona ubuthathu boNkulunkulu." O bakithi! Lokho kufana nomhedeni uqobo lwakhe. Ungezi neze phambi kukaNkulunkulu nento enjengaleyo, zama ukuma eBukhoneni baKhe. "O, akwenzi-mehluko uma ubhaphathizwe eziqwini zika 'Yise, iNdodana, uMoya oNgcwele.' Kwenza mehluko muni na?"

103 Kwenza omkhulu umehluko, uPawulu waze wayala isigejane samaBaptisti ukuthi ayedingeka ukuba aphinde abhaphathizwe eGameni likaJesu Kristu ngaphambi kokuba uMoya oNgcwele uze ufike ube phezu kwabo. Kanti futhi kwabangela lowomphostli wamemeza kakhulu, futhi wathi, "Uma ingelosi ifika ivela eZulwini futhi ishumayele noma yini enye, ayibe ngeqalekisiweyo." Impela, kwenza umehluko. O, he!

104 "Ayikho into okuthiwa ngumbhaphathizo kaMoya oNgcwele ngalezizinsuku. Lokho kwakungokwabaphostoli kuphela. Sekwedlule. Nento okuthiwa ngabaprofethi? Akwaziwa ngisho. Izimangaliso? Azisizo ezesayense. UMalaki 4? Lokho kwakungokomunye unyaka. UJohane 14:12? O, uJesu ngempela wayengaqondile lokho. ULuka 17:30? O, leyo kwakuyinsumansumane nje. Niyabo, ku—kuhunyushwa ngokungesikho; kwakungekho kokwasekuqaleni." Ubuphukuphuku obunje pho!

Lapho uNkulunkulu uSomandla ehla phakathi kwethu futhi ekufakazisa. Lapho Esho, ukuthi, "UJesu Kristu unguye izolo, namuhla, naphakade," Ukufakazisa ukuthi kunjalo. Angikhathali ukuthi ubani othi akunjalo ngakho; uNkulunkulu uhumusha iZwi laKhe uQobo. Wathi Uyoyenza lento ngezinsuku zokugcina. "Kuyoba khona ukuKhanya ngesikhathi sokuhlwa." Futhi kukhona ukuKhanya, ngokubonakaliswa kweNdodana kaNkulunkulu.

105 Ilanga elifanayo eliphuma empumalanga liyilanga elifanayo elishona entshonalanga. Umprofethi wathi, "Kuyoba khona usuku olungeke lwabizwa ngemini noma ubusuku." Lungoluhwaqabele, amafu, njengaphezu kobuso belanga. Kodwa wathi, "Cishe ngesikhathi sokuhlwa kuyoba khona ukuKhanya futhi." INdodana efanayo! InguAlfa no-Omega. INdodana efanayo eyavuka empumalanga kwabikezelwa ukuthi iyophumela entshonalanga futhi, ngezinsuku zokugcina ngaphambi nje kokuba usuku luphele. Angazi ukuthi baLihumusha kanjani; uNkulunkulu uhumusha iZwi laKhe uQobo. UyaLifakazela. Lesi yisikhathi sokuhlwa.

106 Kuyadabukisa, kodwa impela waphinde wathatheka kukho. Umlobokazi kaKristu wathatheka kukho, wasethatha ulwazi lokuhlakanipha lomunye umshumayeli esikhundleni sokukholwa ngelimsulwa, iZwi likaNkulunkulu eliqinisekisiweyo.

107 Manje abefundisi phandle ngaleya ezweni lapho enikhona, ningahle niphikisane naLokhu. Anginilimazi. Nje ngi zama-. . . Ngikhuluma neqembu lami uqobo. Ngizama nje . . . Uma nifuna, ukuhlala phakathi, ngizojabula kakhulu impela ukuba niLizwe. Bese-ke niLilalela. Niyabo? Kodwa nje ngibatshela nje lokho aba—abakubonile, futhi ngibakhombisa khona; uNkulunkulu ekufakazisa, kunjalo. Niyabo?

Yileli ihora. Alidingi-muntu ukuba aLihumushe. Ulwazi lwakho lwezwe aluhlangene. . . Ungahle ube no B.A., D.D., A.D., kumbe noma kungaba yini; akusho nento eyodwa. UNkulunkulu uyalihumusha iZwi laKhe, qobo lwaKhe. Wakwethembisa, futhi nakhu.

108 Kodwa ngolwazi lwekholiji, ukushumayela kwehlelo, "kubangele umhlaba wonke ukuba umangale emva kwesilo esingozi yaso yokufa yelashwa," kusuka ebuhedenini kuya ebuphapheni. Niyabona ukuthi uphethelaphi na? Uyakukholwa. Ukholwa wulwazi alutshela yena.

109 Kuyikho, manje bhekisisani, kuyilabo omlobokazi bobabili abathembisile abakholwa ngulwazi lukaSathane olumelene neZwi likaNkulunkulu. Umlobokazi ka-Adamu wakholwa wulwazi lukaSathane olwalumelene neZwi likaNkulunkulu, nomlobokazi kaKristu ukholwe wulwazi lukaSathane, kulonyaka omubi wokuhlakanipha, omelene neZwi likaNkulunkulu.

Futhi qaphelani. UEva, kokwemvelo, owakukholwayo, futhi wasihloma sonke isintu ekufeni. Umlobokazi wemvelo! UAdamu, umuntu wemvelo wasemhlabeni; umlobokazi wakhe, ngaphambi kokuba afinyelele kuye, ukuba abe ngumfazi wasihloma sonke isintu ekufeni. Noma ngabe ngokwesayense noma qha, sifa ngokufanayo nje, ngoba uNkulunkulunkulu wathi sasizokufa.

Noma ngabe use-Edeni elingcwele, noma ibandla elingcwele, noma ihlelo elingcwele, kumbe noma ngabe kungaba yini, uyofa ngosuku ongakholwa ngalo iZwi elilodwa leZwe lika Nkulunkulu ukuthi liyiQiniso, Uma Liqinisekiswa futhi lifakaziswa kuwe. Yingalolosuku ozehlukanisa ngalo noNkulunkulu. Hhayi nje umusho wonke; iZwi elilodwa. "Oyonezela izwi elilodwa, noma asuse eliLodwa," yingalolosuku ofa ngalo.

110 Qaphelani, umlobokazi ka-Adamu wabangela ukufa kwemvelo esizweni sakhe, isintu.

Nomlobokazi ka-Adamu wesiBili, umlobokazi othembisile kuKristu, uhlome lonke ibandla ekufeni kwehlelo, ukuthatha uphawu lwesilo, ngawesayense, ahlakaniphile, amahlelo amakhulu. "SingamaBaptisti. SiyiPresbyterian. SingamaPentecostal," kanjalonjalo. "Sina *lokhu,* futhi sinempahla eningi. Thina, saziswa nanguhulumeni. Sisemhlabeni wonke jikelele," nazo zonke izinto ezinjalo. "Nokuhle kunakho konke, nemeya yedolobha, kanjalonjalo, iza kithi. Ngisho noMengameli uyeza abe nemisa elishiwoyo kanye nathi, bese siza *kulokhu, lokho,* noma *okunye."* Umhlaba wonke uhlonywe kokomoya, nokokokufa; ibandla lonke. Lifile!

Wena uthi, "Umboza inqwaba yezwe."

111 UJesu wathi, "Njengoba kwenzeka emihleni kaNowa, lapho okwasindiswa khona imiphefumulo eyisishiyagalombili, kuyakuba njalo ekufikeni kweNdodana yomuntu." "Emihleni kaLoti, lapho okwakhishwa khona abathathu eSodoma, ngalolosuku..." Manje sekuvele kukhona iqembu eselivele lingaphandle, khumbulani. "Kodwa njengoba kwakunjalo ngaleyonkathi, lapho iNdodana yomuntu iyobonakaliswa." Bukani ukuthi suku luni, bukani ukuthi siphila kuphi!

112 Manje ubangele ukuba lonke izwe lemukele ubuholi besayense yohlelo lwezemfundo uSathane amnike lona phansi kwegama lebandla, ubuholi bolwezemfundo, uhlelo lwesayense. Nginidwebela isithombe sikankulunkulu walelizwe.

Lapho yena, njengoEva, wayenakho impela ukugcwaliswa kweZwi likaNkulunkulu esandleni sakhe, wayengathatha iZwi likaNkulunkulu. Kodwa wenzani kuLokho na? Esikhundleni sokulindela umbhaphathizo kaMoya oNgcwele, wavumela isayense ifakazise kuye ukuthi uMoya oNgcwele wawungowabafundi kuphela.

Esikhundleni sokugcina ukuphilisa kukaNkulunkulu kuqhubeka, kanti bekufanele manje engabe uvusa abafileyo futhi enza izimangaliso; uvumele uSathane, phansi kobuholi bakhe bendoda yenkolo, uthatha iZwi likaNkulunkulu futhi uzama ukusho ukuthi Lalingolomunye unyaka. Futhi ulikholiwe.

113 Kanti, iBhayibheli lathi, "Izinto engizenzayo Mina nani niyakuzenza." UJesu washo lokho. "Hambani niye ezweni lonke nishumayele iVangeli kukho konke okudaliweyo." Siseyizo izidalwa. "Lezizibonakaliso ziyakubalandela bonke labo abakholwayo." Uphika konke nokuncu kwaLo.

114 Uphika konke okungaphezu kwemvelo, futhi uKushintshanisa ngomqondo wokuhlakanipha kwakhe ngeBhayibheli; lapho abapristi, nobaba ongcwele, ababizwa kanjalo, lapho ababhishobhi, ababhishobhi abakhulu, lapho amagosa esigodi, ababonisi abakhulu, kanjalonjalo, ufake ukuhumusha okungokwakhe kuLo. NoNkulunkulu ubashiyile, behlezi lapho, bafe njengeleshumi nambili nqo.

Nento kuphela esele ngezinsuku zokugcina yisigejane samaPentecostal nenqwaba yomnyuziki beshaya indingilizi ngamakhulu amandla, begijima behla benyuka phansi endlini, bekhuluma ngezilimi futhi bememeza, "futhi benesimo sokumesaba uNkulunkulu, kepha bephika iZwi." Batshele ukuba babhaphathizwe eGameni likaJesu Kristu; bakuhleka insini. Kodwa, ukuthi, uNkulunkulu uqhubeka ngqo ekwenza kanjalo ngokufanayo nje, efakazisa iZwi laKhe ukuthi linjalo.

115 Qaphelani, umuthi uSathane owabangela ukuthi uEva ukuba ahlanganyele kuwo wawungu "muthi wokuhle nokubi." Kwakungumuthi oxubile.

Manje bukani osukwini esiphila kulo, uma Ebizela ngaphandle uMlobokazi. Unebandla elizisho ukuthi lenza kahle, kanti libi, ngokuphika iZwi. Umuthi oxubile. O, uthi, "Ba—banemiphakathi emikhulu. Ba—ba—ba—basiza *lokhu*. NesiPhambano esiBomvu siyakuvumela. Nazo zonke izikole, ba . . . Bukani lapha!"

O, kodwa nje phika iZwi elilodwa, yilokho kuphela okwenzayo ukuba ufe; akunandaba ukuthi kuhlakaniphe kanjani, ukuthi kuhle kanjani. UJesu wathi, "Imvubelo encane ibilisa inhlama yonke." Indawana eyodwa yemvubelo yonakalisa inhlama. IZwi elilodwa likaNkulunkulu, elibekwe endaweni engesiyo, lona sonke isithombe. Kuthiwani ngengalo yami ilapho kufanele kubekhona unyawo lwami na? Niyabo? Uma-ke indlebe yami yayiphansi lapha lapho kufanele kubekhona isandla sami na? "Imvubelo encane ibilisa inhlama yonke."

Uthi, "Wazi kanjani ukuthi Kuqinisile na?" UNkulunkulu ufakazisa ukuthi Kuqinisile. UyaKuqinisekisa. WaKusho lapha eZwini, manje-ke UyaKufakazisa. Sazi kanjalo-ke ukuthi Kuqinisile noma qha.

Ukuphika iZwi elilodwa nje kuthatha lokho kuphela ukufa. Kwaletha imiphumela efanayo kulonyaka omubi, ukufa komoya, njengoba kwenza ekufeni kokwenyama kusosonke isintu.

116 Qaphelani ukuthi uSathane wawuthola kanjani lowonyaka wesayense emuva lapho, kaNowa, ukuba bencike phezu kokwabo ukuqonda. He! IBhayibheli liyasitshela, kwiZaga, "Ungenciki kokwakho ukuqonda." Futhi, "Onke amazwi omuntu awabe amanga, nakaNkulunkulu abe yiqiniso." Kodwa uSathane, ngolwazi lwakhe, kusukela ekuqaleni ensimini yase-Edene, wathola abantu ukuba bencike phezu kokwabo ukuqonda. Futhi, niyazi, ngemisebenzi yakhe emikhulu kaMax Factor ayenayo emuva lapho, wathola abesifazane ukuba babebahle kakhulu ngangokuthi kwabangela indodana yokomuntu . . . amadodana kaNkulunkulu, njalo, ukuba awele esonweni futhi abagane. U . . . Abesifazane babebahle kakhulu, babukeke kahle kakhulu.

117 Manje thatha owesifazane ojwayelekile emgwaqeni namhlanje. Inqwaba yenu uyifundile indaba; anikaze niyizwe, ngoba ingaphambili kwezinsuku zami. UPearl O'Brien, bangaki abake bezwa ngaye na? Impela. Wayefanele ukuba ngowesifazane omuhle kunabo bonke ezweni. Ngani, akukhonganyana yesikole eya endlini yesikole namhlanje engenhle ngokuphindwe kabili ebukeka kahle ukwedlula ayeyikho. Kwenziwa yini na? Ubuhle babesifazane buzokwenzeka ngezinsuku zokugcina.

Bagunde izinwele zabo. Babafaka ezingutsheni zamantombazane amancane. Bafaka izikhindi, namabhikini, nanoma nikubiza ngokuthini, kubo. Bafaka upende, nopende

obomvu wezihlathi, nazozonke lezi uhlobo lwezinto, ukubenza babeyinto abangesiyo. Niyabo? Kodwa ngolwazi lwesayense bakwazile ukuzuza lokhu. Niyazi ukuthi iningi echithwa ezimonyweni zabesifazane, kunekhona, eUnited States, ngokuningi ngokuphindwe kabili noma kathathu, kunechithwa ekudleni kokuba kuphilwe ngakho na? Kufakazise lokho, kunjalo, ezimonyweni.

118 Qaphelani, "Amadodana kaNkulunkulu abona amadodakazi abantu," hhayi amadodakazi kaNkulunkulu, "amadodakazi abantu, ukuthi ayemahle," futhi kwabangela ukuba amadodana kaNkulunkulu awele kulokhu ukuduka. "Futhi bathatha labo uhlobo labesifazane baganwa yibo," futhi kwaletha unyaka wobufebe, njengoba kunjalo nje namhlanje; njengoba kwakunjalo eSodoma, njengoba kubikezelwe ukuthi kube njalo namhlanje.

Ukuthi, lapho owesilisa nabesifazane balolusuku beshintshanisana ngabafazi. Uma bengamthandi lomfazi, ba—bawelela kwaReno, eNevada, bafike baganwe; futhi nomo uthola isehlukawiso, kuloyo, futhi emizuzwini eyishumi nanhlanu. Nabesifazane babukeke bebahle kakhulu ngangokuthi cishe impela abavimbeleki. Futhi kuyini na? Udeveli! Niyabo uSathane eselokhu usebuhleni na? Qaphelani.

119 Qaphelani, lesosono asizange sithethelelwe kubo. Lokho kubukeka kahle, unyaka wesayense wawuyiwo impela unyaka omubi uNkulunkulu abhubhisa ngawo nya ebusweni bomhlaba; lokho kubukeka kahle, unyaka wesayense. UJesu wathi kuyoba yilokho futhi ngaphambi nje kokufika kweNdodana yomuntu. Kunjalo na? Qaphelani, uJesu wathi, "Njengoba kwenzeka emihleni kaNowa, kuyoba njalo ekufikeni kweNdodana yomuntu," lapho bonke bezama ukugana . . . Manje bhekisisani, "Amadodana kaNkulunkulu aganwa ngamadodakazi abantu abukeka emahle," noNkulunkulu akazange awathethelele ngakho.

120 Ngokufanayo nje njengokufundisa kukaBalami, ukuthi wabangela ababukeka bebahle, abayizihlakaniphi, abesifazane besayense bakwaMowabi uku . . . namehlo abo ahehanayo, opende bakhe nophawuda, amakha amnandi, ukuyenga amadodana kaNkulunkulu; ngokuphikisana nabesifazane bakubo uqobo ababesebenza futhi babenezikofu ezandleni zabo, bengafake-pende. Babayenga, futhi, "Asiganane, ngoba sonke singabantu abafanayo." Kwakungamanga lawo! Kwakunga—ngamanga, nempumelelo kadeveli, ukuthola amadodana kaNkulunkulu ukuba aganwe nga-ngamadodakazi abantu.

Kwakungamanga kadeveli, ukuba uBalami, lowomprofethi wamanga, ukuba azame ukuprofetha ngokuphikisana noMose owazama ukubamba isizwe asihlanganise; ukuthi, "Awu, sikholwa nguNkulunkulu ofanayo. Sinikela ngeminikelo

efanayo. Sinemihlatshelo efanayo. Senza yonke into ngokufana nje."

"Kusondele kakhulu ngangokuthi kuyodukisa nabaKhethiweyo uma kungenzeka." Niyabo? [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.] Dedani kulo, bantu! Anihlanganise lutho nalo!

121 Qaphelani, kwakungeke kwenzeke ukuthi uNkulunkulu wayengahumusha iZwi laKhe esizukulwaneni esibi sikaKayini. Qhabo. UNkulunkulu wayengeke ahumusha iZwi laKhe kubo. Qaphelani . . . [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.]

UNkulunkulu, ulwazi ukwenza izwe libukeke lilihle kakhulu nelesayense nelinesono, Adingeka ukuthi alibhubhise na? Ngabe uNkulunkulu wayengakwenza lokho, enze izwe libukeke lilihle kakhulu; bukani lapha, uNkulunkulu enza amadodakazi aKhe abukeke emahle kakhulu, futhi awagqokise ngokukhanukisa kakhulu, ngangokuthi amadodana aKhe awakhanukele futhi aphinge na? Ini? UNkulunkulu enze into enjengaleyo na?

Lesi esihamba-ze, esihhundula izingubo isigejane sabaseLawodikeya, sikhonza unkulunkulu walelizwe, ngesayense yabo ephathelene nenkambo elungileyo, nemfundo, nokuhlakanipha kobuqili, nobuhle! "Phumani kulo," iBhayibheli lathi, "ningahlanganyeli nalo izono zalo, futhi ningamukeli izinhlupheko zalo." UNkulunkulu uyonisa isichotho esivela ezibhakabhakeni ngolunye usuku, esikhulu ngangamaphawondi ayikhulu sisinye, futhi uyolibhubhisa ngokulikhanda ngamatshe; njengoba iZwi laKhe njalo lathi Ukwenzile, imithetho yaKhe.

Awu, uma uNkulunkulu enza into enjengaleyo, wembula iZwi laKhe kubantu abanjengalokho, Ubeyobe e—ehlula inhloso yaKhe uQobo. UNkulunkulu akanabo ubuwula. Ungumthombo wakho konke ukuhlakanipha.

Ngakho niyabona ukuthi leyonto ivelaphi na? Ivela kuSathane, futhi namanje isengekaSathane. Nebandla liyikholiwe.

122 Manje niyabona, sifazane, ngizama ngamandla ami onke ukunikhombisa iZwi likaNkulunkulu. IBhayibheli lathi, "Uma owesifazane egunda izinwele zakhe, uhlazisa ikhanda lakhe," okuyindoda yakhe. Nendoda yakhe iyikhanda lakhe, kuNkulunkulu, ngakho uhlazisa uNkulunkulu nendoda yakhe.

123 Manje lokhu kukhombisa ukuthi ubani oyikhanda lenqubo yalelibandla lezwe. Lokho kukhombisa ukuthi ubani oyikhanda lakho. NguSathane, esimweni sendoda ephakeme, umuntu wolwazi, ulwazi oluphakeme. Wazi ngaphezu kwabo bonke abanye. Akunandaba ukuthi iZwi lithini, u—unokuhumusha okungokwakhe kuLo, niyabo, ukuhumusha kwalonyaka omubi.

124 Qaphelani amacebo akhe okwakha ibandla lehlelo eliphakeme, uMkhandlu wamaBandla oMhlaba, niyabo, elihlela ngokuphakeme, ukuze kuthi lonke izwe liyomkhonza, isilo, phansi kwegama lobuKristu obuhlangene. Ningathanda ukufunda lokho eBhayibhelini na? ISambulo 13:6 nele 8. Kungumbhoshongo wesimanje waseBabele.

125 Anikhumbuli yini ukuthi uNimrodi wakwenza kanjani, lowomzenzisi, wakha lombhoshongo omkhulu futhi wenza onke amanye amadolobha amancane athela kulo na? IBabble neBabele yinto efanayo. Lishintsha amagama alo nje, futhi, lapho likhuphuka. Li, iRoma manje yiBabiloni. Nomhlaba wonke ulethwa eBabiloni, futhi ingeniswa nguMkhandlu wamaBandla oMhlaba oyokwenza wonke umuntu alikhothamele. Futhi usuthathe uphawu lwesilo, ungazi ukuthi ubuwenzani. Ngoba . . .

Kodwa labo abakhethiwe bazozwa iZwi bese bephuma kulo.

126 Liphambene kakhulu ihlelo neZwi likaNkulunkulu! Wayengakaze abe nalo nelilodwa, akazange asebenze nakwelilodwa, futhi akakaze asebenzisane nanelilodwa. Ngifuna usomlando othize ukuba angikhombise lapho khona okwake kwathi umprofethi wake wavela ebandleni. Ngikhombise lapho khona uNkulunkulu ake abusisa ibandla elali . . . emva kokuba selihleliwe. Laya eshalofini lase liyafa, linokuhlakanipha kokuhlakanipha okuvela kudeveli, ngabaholi babo, futhi bala iZwi likaNkulunkulu lapho Likhulela emumweni ophelele kaKristu. Manje selisekhanda. Kuphambene kakhulu!

Zahlukaniseni nalowoEva ongakholwa, nina bantwana bokuKhanya kwakusihlwa!

127 USathane, unkulunkulu walonyaka, ngolwazi lwakhe, edlisa abantu emthini wakhe oxubile wokuhle nokubi. Qaphelani, uSathane, ngolwazi lwakhe, ebangela abantu balonyaka omubi ukuba badle emthini wakhe wokuhle nokubi. Uthi wakha impucuko enkulu ngokuthe xaxa yamaKristu, ngolwazi lwakhe lokuhle nokubi, impucuko yamaKristu enkulu ngokuthe xaxa.

128 Kodwa iNtombi encane kaKristu, iZwi, uMhlambi, uMlobokazi, akanandaba nolwazi lwakhe. Ugcina, yena, ekhululekile kuye. Yini e . . . Manje ake sikhulume ngaYe, umzuzu. Ulindela iNkosi yaKhe neholide labasanda kushada laKhe lesikhathi seminyaka eyiNkulungwane, kunjalo, noMyeni oyiZwi, njengoba Yena enguMlobokazi oyiZwi.

129 Ulwazi nempucuko, nobuKristu beqiniso, akukho okujwayelene ngakho. Impucuko, nobuKristu beqiniso, akunakho nokukodwa okujwayelene ngakho.

Impucuko ingolwazi. Sonke siyakwazi lokho. Nolwazi luvela e-Edene, wakufakazisa, ngalokho akushumayela e-Edene. Nolwazi lubangela ukufa. Kunjalo na? Yini eyabangela

ukufa ensimini yase-Edene na? Ulwazi. Kodwa ngeke lwaba ngolukaNkulunkulu, ngakho olukadeveli. Wewu, ngabe bekukuhle lokho! Ulwazi, isayense, imfundo, yisithiyo esikhulu kunazo zonke uNkulunkulu ake aba nazo. Kungokukadeveli.

Manje ngizothola izincwadi ngalokho, ngiyazi. Ngizilindile.

130 Bukani ukuthi impucuzeko isingenisephi manje. Niyabo? Bukani ukuthi yenzeni. Sikuphi na? Sencike kulezozinto, ngokuqonda kwethu ngesayense yethu.

Wena uthi, "Kuthiwani ngoNkulunkulu, ucabanga ukuthi Ungongazi lutho na?" O, qhabo.

UNkulunkulu uyomisa olwaKhe uQobo uhlobo lwempucuko emhlabeni, uma Esewengamela. Leli yizwe likaSathane; ungunkulunkulu manje wolwazi lwakhe lwesayense yezwe. Kodwa uNkulunkulu uyomisa olwaKhe uQobo uhlobo lwempucuko. Ngeke kube yimpucuko enjengalena. Kukhumbuleni nje lokho. Ngeke kube wuhlobo lwempucuko esinalo namhlanje. Qhabo, qhabo. Iyoba ngehambisana neZwi laKhe nenhloso yaKhe. Ngokuba, unkulunkulu walonyaka wamanje omubi uyobhujiswa, nombuso wakhe naye.

131 Lonyaka othanda ulwazi wesimodeni ubungeke ube nomholi ongcono kunalowo abanaye, uSathane, umphendukezeli weZwi likaNkulunkulu, njengoba aqala ensimini yase-Edene, kodwa umuntu wezenkolo ethembele ekuqondeni okungokwakhe.

Njengoba ngishilo ngaphambili, iZaga 3:5, ukuthi, "Asifanele sencike kokwethu ukucabanga."

Bafanele babe nonkulunkulu, ngokuba bangumuntu. Nokho, ubenzela lokho abakufunayo. Njengokuba yisidalwa esingumuntu, njalo, zonke izidalwa ezingabantu . . . Lapho sifika lapha, sathola amaNdiya ngisho ekhonza izithombe, nelanga, nakho konke. Njengesidalwa esingumuntu, bafanele babe nonkulunkulu. Ngakho lonyaka omkhulu wokuhlakanipha ufanele ube nonkulunkulu, ngakho sekube . . . Unkulunkulu walelizwe usebe wulwazi, ihlelo, isayense, "benesimo sokumesaba uNkulunkulu, kepha aMandla akho bewagwema."

132 Qaphelani, unkulunkulu wabo ubenzela nje lokho abakufunayo. Bakhanukela inyama, futhi yilokho abanika khona. "Bafuna ukugqoka amabikini. Mabawagqoke. Uma befuna ukwenza *lokhu* noma *lokho*, mabakwenze. Akukho okulimazayo kukho; baya esontweni. Umama wabo wayeyiMethodisti, iBaptisti, iPentecostal, iPresbyterian. Bayeke kanjalo nje."

Lowo ngunkulunkulu walonyaka; osmati, ohlakaniphile, wesayense. Akudingi-kukholwa. Akudinge kufakazisa lutho. Sekuvele kufakazelwe, ngolwazi lwabo. "Awu, siyibandla elikhulu kunawo onke elikhona edolobheni," ulwazi lwabo. "Umelusi wethu une D.D., iPh. D." Niyabo, akudingi kukholwa;

kwethembela olwazini. Mabaphile noma kanjani, inqobo nje uma beza bezomkhonza ngehlelo labo nesivumokholo. Kukhona iso elikhulu elimnyama lapho, kodwa libukeni.

Uhleka iZwi likaNkulunkulu, esho izinto eziphambene neZwi; futhi uzama, ngolwazi lwabo, ukufakazisa ngokwesayense ukuthi iZwi aliqinisile. O, unyaka onje pho esiphila kuwo! Niyambona uNkulunkulu walonyaka na?

133 Qaphelani, kodwa uNkulunkulu ulindile kuze kugcwaliswe ububi balama-Amori esimodeni. Ningakhathazeki, Uzoba noMose waKhe eselungele ngalesosikhathi. Kuzobakhona uphumo, ngoluny'usuku, oluya ezweni lesithembiso. Kuzobakhona uMose ofikayo, ozobizela ngaphandle, "abuyisele ukuKholwa kwabantwana kubuyele kobaba." Kuzofika, ngolunye lwalezizinsuku. Aku . . .

Wena uthi, "Awu, buka ukuthi siqhubekela kanjani phambili."

Impela, ububi bama-Amori abukagcwali. Buzofika, ngolunye lwalezizinsuku. Mabazibhubhise bona.

134 Impucuko, ulwazi, iphendukezela iZwi likaNkulunkulu ukuba lifanelane nokuthanda kwabo. Lonke ihlelo lenza into efanayo. USathane bese-ke eshumayela ivangeli lakhe uqobo lolwazi ebandleni lakhe uqobo.

135 Zimbili kuphela izigaba zabantu okukhulunywa ngazo eTestamenteni eLisha. "Abantwana bakaNkulunkulu, nabantwana bakadeveli." Benikwazi lokho na? Nifuna ukubhala phansi umBhalo ngakho na? UJohane wokuQala 3:10, uma nifuna umBhalo. Ngikufunda khona lapha, nginakho kubhaliwe. Kulungile. Kulungile.

136 Kwabase-Efesu 2:2, babizwa ngokuthi, "Abantwana bokungalaleli." Njengoba uEva wayenjalo, ukungalaleli eZwini likaNkulunkulu. Abantwana bokulalela, nokungalaleli, abanalutho abajwayelene ngakho.

Manje-ke uMlobokazi kaKristu angazihlanganisa kanjani ehlelweni, uma omunye engalaleli nomunye elalela na? Angakwenza kanjani omunye, abe yiZwi; nomunye, eyizwi eliphendukezelwe na? Isifebe nowesifazane ohlanzekileyo bangahamba kanjani ndawonye ekuvumelaneni na? Bangeke bakwenza. Abananhlanganyelo nhlobo. "Phumani phakathi kwabo!" Ngokukadeveli. Kuwuphawu lwesilo. Kuyophethela kukho ngqo manje; onke amahlelo. Anginandaba ukuthi okukabani.

UNkulunkulu uthatha, hhayi ihlelo, "abantu beGama laKhe." Ihlelo ngeke liwemukele lamaQiniso. Kuyothatha umuntu ngamunye ongabona uNkulunkulu, abuke eZwini laKhe futhi aLikholwe, futhi angabi ngowenhlangano; kodwa aphilele uNkulunkulu, angenzeli inhlangano yakhe, ukuhlakanipha

kokuhlakanipha kombhishobhi othize noma into ethize ekufundisile. Kunjalo.

137 Abantwana bokungalaleli, nabantwana bokulalela, akanalutho abajwayelene ngakho. Omunye we. . . ungowosuku lokuKhanya; omunye, ngowobusuku nobumnyama, unyaka omubi, lonyaka omubi wobumnyama, amanayithiklabhu, imidanso, nokho abe esonta. Kulungile kunkulunkulu wabo. Abanakho ukulahlwa mayelana nakho; akukho okubakhathazayo.

"Ngani, akungilahli ukugunda izinwele zami," kwasho owesifazane. "Akuwulimazi unembeza wami." Akananembeza kunoma inyoka inezinqulu. Kunjalo. Impela qha. Akazi ukuthi yini unembeza. Kushazwe kanzima ngangokuthi akasazi nokuthi kuyini. Kunjalo.

138 Behamba bejikeleza, phezu kweZwi likaNkulunkulu, bethi, "Ngani, lowo ngumuntu othize oyisidala. Ningenyukeli lapho; bayisigejane somsindo nje futhi bayaqhubeka, empeleni." Abazi lutho ngoNkulunkulu kunoma iLawu beliyokwazi ngobusuku baseGibhithe. Kunjalo. Yiqiniso.

"Benesimo sokumesaba uNkulunkulu, kepha aMandla akho bewaphika; labo-ke wobagwema. Ngokuba yibo laba abahamba izindlu ngezindlu, futhi behola abesifazane abayiziwula."

"O, s'thandwa, wena u, ufanele wenze *lokhu*. O, s'thandwa, ngicabanga umshumayeli wakho oyisidala ezansi lapho, uma nje u. . . O, ubungabukeka umuhle kwi 'kini," kumbe noma niyibiza ngokuthini into. "Wena, uma ubungenza konke *lokhu, lokho,* no *kunye*. Ngani, usikilidi omncane ngeke ulimaze muntu. Ngiyasonta, futhi uyazi ihlelo lakithi lihlonishwa njengelikanoma ubani." Ningawakholwa lawomanga apendiwe. Liqamba amanga kuwe. Kunjalo. Yebo, mnumzane.

139 Kulungile kunkulunkulu wabo. O, ucabanga ukuthi lokho kuyisimangaliso, futhi bayamthanda nje ngakho.

He, bayophikisana nawe. Bayoma mpo bese beqophisana nawe ngakho. Ngani, impela, uSathane wama wabhekana noJesu Kristu ngqo, iZwi, futhi wazama ukuba athi, "Kulotshiwe."

Futhi Wayelapho, iZwi likaNkulunkulu eliqinisekisiwe. Wathi, "Suka emva kwaMi, Sathane!" Uyahamba nje futhi enze into efanayo.

Njengomfo wake wathi kimi, wathi, "Manje, uma ukholwa ukuthi umbhaphathizo kaMoya oNgcwele uqinisile, futhi ukholwa ukuthi unaWo," wathi, "manje ngishaye ngobumpumputhe." Lowo kwakungumshumayeli. Wathi, "Ngishaye ngobumpumputhe!" Wathi, "UPawulu washaya i— indoda yaba yimpumputhe ngoluny'usuku."

140 Ngathi, "Mnumzane, ngingakushaya kanjani ngobumpumputhe ube uvele uyimpumputhe na? Ngingakubulala kanjani ube uvele ufile na?"

Wathi, "Mina, amehlo ami aphila saka!"

Ngathi, "Ingxenye yakho yokwenyama; kodwa usalokhu uyimpumputhe."

"Akunakwenzeka! IBhayibheli alizihumushi izinto. Sikhuluma lapho iBhayibheli likhuluma khona, futhi sithule lapho Lithule khona."

141 Ngathi, "Kulungile, ngenkathi uElija esezansi e—eDothani, niyabo, nakho kwenyuka yonke impi yamaSiriya macala onke. Nenceku yagijima yenyuka, yathi, 'O, baba wami!' Yathi, 'Baba wami,' yathi, 'amaSiriya lisikakile.'

"UElija wacikica amehlo akhe, wavuka wayesethi, 'Baningi abanathi kunoma bekhona abanabo.'

"Yathi, 'Angiboni-muntu.'

"Wathi, 'Nkulunkulu, vula amehlo ayo.' Manje, yayiyimpumputhe. Futhi yaqalaza lowomprofethi omdala, naphezu kwezintaba; kwakugcwele iziNgelosi, nezinqola zoMlilo, namahashi oMlilo.

"Wayesehamba ephumela lapho, neBhayibheli lathi, 'Wabashaya ngobumpumputhe.' Baphuphutheka kukuphi na? Kuye. Wahamba waphumela lapho, wathi, 'Nifuna uElija na?'

"'Yebo, sifuna yena.'

"Wathi, 'Wozani, ngizonikhombisa lapho ekhona.' UElija ebaholela kuElija. Ukuphuphutheka!"

Ngathi, "Uyazi ukuthi ngizothini kuwe na? Khona impela nje iNkosi yami eyakusho kuyihlo, 'buyela emva kwami.'" Ehhe. Ehhe.

142 Qaphelani, abantwana bokulalela, nabokungalaleli, akunalutho abajwayelene ngakho. Abangalaleli bakhonza unkulunkulu wabo. "O," bathi, "sikholwa yiBhayibheli." Yebo, ngumuthi oxubile. Niyabo, banezela izwe nolwazi kuLo. Umuthi kaSathane, oxubile; niyabo, wathatha emthini kaSathane, okuhle nokubi. "O, sikholwa yiZwi." Impela, kodwa hhayi konke okwaLo. UEva walikholwa iZwi, naye, kodwa wavumela—wavumela uSathane ukuba athathe umuthi wakhe bese ethi ukuLiphendukezela kancanyana. Kuyilokho-ke.

Oyonezela izwi elilodwa noma asuse iZwi elilodwa kuLo." Usenguye izolo, namuhla, naphakade! Qaphelani. Kulungile.

143 Lonyaka wobumnyama, nokho ungowebandla. Unkulunkulu wabo, bayamthanda ngakho, indlela abavumela benze ngayo. Abanakho ukulahlwa. Ayikho into ebakhathazayo inqobo nje uma besonta.

UBalami wafundisa ibandla into efanayo. "Masibumbane; sonke siyafana." Kwakuyicebo lokugcina lokuphamba. UNkulunkulu akabathethelelanga neze ngokukholwa ngamanga anjalo.

144 Khumbulani, kwakuyisono esingenakuthethelelwa, izikhathi ezintathu eBhayibhelini, kunoma yibaphi abantu ukwenezela izwi elilodwa lokuhumusha okungokwabo eZwini likaNkulunkulu emva kokuba Lase liqinisekiswe ngokuthi liyiQiniso.

Ensimini yase-Edene, impela, ensimini yase-Edene, izwi elilodwa elenezelwa labangela ukufa.

Lapho uBalami enezela izwi, ukuthi, "Sonke siyafana," bona, uNkulunkulu akazange neze amthethelele uIsrayeli ngalokho. Bonke babhubha ehlane, ngaphandle kwabathathu uNkulunkulu abakhiphayo.

UJesu wathi, "Bona, bonke, bafile," lokho kwehlukene ingunaPhakade. Bahambe bonke; akuzange neze kuthethelelwe. Kuyisono esingenakuthethelelwa; abasithethelelwa neze. O, he!

Sibalekeleni, bantwana beziNkanyiso zakusihlwa!

145 Niyabona manje ukuthi ubani umholi walona wesimodeni, wenkolo, unyaka omubi na? Ngudeveli, ethatha lowomuthi wokuhle nokubi, futhi ewubeka ngaphandle lapho qaphelani, eletha umlobokazi wakhe oyibandla elihle emkhandlwini wenkolo yobukristu ukuba kushadwe. Lelongelihle. Ibandla lakhe elihle lesayense, nazozonke i—i—iziqu ezingatholwa; oPh.D abavela kwi church of Christ, oPh.D. abavela kwi Baptisti, iPresbyterian, kumaPentecostal, nabo bonke. Bebaletha bonke, nobukhazikhazi obuhlotshisiwe namasonto amakhulu, konke kuya emkhandlwini wenkolo yobukristu, "Simunye." Abasoze basithethelelwa. Ihlelo, ukufaka uphawu lobunikazi lwehlelo, wuphawu lwesilo. Sesiqedile ngakho lapha; ukukwenza. Lubalekeleni, bantwana, lubalekeleni! Niyabo? Elikhulu, ibandla elihle kuwo umshado womkhandlu wenkolo yobukristu, elifake uphawu lwakhe!

Izikhindi, impela, ingubo yezwe, ekhanukisayo, upende, abafundi abahle ngempela bakadeveli, ukubamba amadodana kaNkulunkulu; bagana omuhle umfana ozelwe ngokugcwele osuke wangena ekuhlulekeni okunye okudala kanjalo. Kunjalo. Okunje pho . . .

146 Wena uthe, "Ukugunda izinwele, kunamsebenzi muni lokho na?"

Mfowethu, ake sime lapha umzuzu nje. Ngizwa nje omunye umuntu ecasulwa yilokho. Angahle ukuba ubephandle ocingweni ndawo ndawo.

Lalelani. Izinwele kowesifazane ziyisifungo somNazari. Izinwele kuSamsoni zaziyisifungo somNazari. Futhi uma

owesifazane egunda izinwele zakhe, u—uphika ngokoqobo isifungo sakhe somNazari ukuthi unguMlobokazi kuKristu. Ngoba, lapho, leyonto eyodwa, usona sonke isiThombe. Kuyiqiniso! U*mNazari* yi "lowo ohlukaniselwe inhloso." Ngabe kunjalo na? USamsoni wayehlukaniselwe unyaka nasenhlosweni, ngakho-ke wayenezinwele ezinde. Owesifazane ongumntwana kaNkulunkulu, uyekela izinwele zakhe zikhule, ukubonisa ukuthi wehlukaniselwa lonke iZwi likaNkulunkulu.

147 Uma ezigunda, anginandaba ukuthi usina kangakanani, uyacula, usekwayeni, ukhuluma ngezilimi, ugijima ehla enyuka, noma unalo lonke uhlobo lwemiphakathi esizayo, ufile. Lowo ngu ISHO KANJE INKOSI, iZwi likaNkulunkulu. KwabaseKorinte bokuQala 14. Usiphikile isifungo sakhe somNazari futhi wazithengisela kunkulunkulu walonyaka wesimodeni. Uyakwenza. Manje, ngiyakudabukela wena, nenekazi, noma sifazane!

148 Bangababambi bamadodana kaNkulunkulu ngempela. Njengoba uJesu athi, "Njengoba kwenzeka emihleni kaNowa, abesifazane bebahle, namadodana kaNkulunkulu aqala ukuganwa phakathi kwabo, kuyobanjalo lapho iNdodana yomuntu isibuya." Nonkulunkulu wabo ucabanga ukuthi kukhulu, futhi kubukeka kahle, futhi kungokwesayense, ulwazi. Ifeshini yaseHollywood, enze isitayela esitolo sakhe uqobo, impela, konke lokhu lapha isinamfunamfu nezinto, niyazi.

149 Futhi lona, ibandla lakhe, livele likuthande! O, he! "Ngizokunika ukuthi uqonde, ngiyiMethodisti. NgiyiPresbyterian. Umelusi wethu unengqondo engcono kunokusho into enjalo." Akanayo ingqondo eyenele ukusho izinto uNkulunkulu athi azishiwo ngaleyonkathi. Niyabo?

150 Lona, ibandla, livele likukhonze nje. Liyakuthanda. Lokho nje ebelikufuna! Ngeke lijoyinane nalutho, mfowethu, noma lingene kokuyize lizoziphathisa okwento ethize ehlukile kulokho oJezibele besimanje abayikho, ngoba leyo yimvelo ekulo.

Ungakwenza kanjani ukuba ube yinoma yiyiphi imvelo... "Ubani ongelekela ebudeni bakhe ingalo ibenye ngokukhathazeka na?" Uma wazalwa ukuba ube ngamafidi amahlanu ubude, ungeke ube ngamafidi ayisithupha. O, yebo, njengo "mshini wokuzelula" kaBooth-Clibborn.

151 Manje-ke lalela, ndoda, nina sigejane sezintekenteke ezingorikhi! Uma wazalwa ukuba ube yindoda, manje-ke ziphathise okwendoda. Lezizinwele eziyisikhophoco ezilenga ebusweni bakho, nezenziwe zagoqana njengokuheha okuthize okukhanukisayo, ngani, nina sizukulwane sezinyoka esiphendukezelwe! Kwenzenjani kini, empeleni na?

UNkulunkulu wami uyosehlulela lesisizwe ngolunye usuku ngomlilo. Uyosicwilisa ngaphansi kolwandlekazi. Ihora lokwahlulela kwaKhe seliseduze. Wonke umhlaba uyomuka.

152 Ukuphendukezela kwezenkolo! Ukuphendukezela kwabantu; owesilisa abasazi nokuthi bangakububuphi ubulili, kanjalo nabesifazane. Bame begqoke iovaloli, noma izikhinjana ezindadlana, izingubo e. . . konke ukunyakaza kwakhe nesimo somzimba wakhe, futhi azibize ngomKristu. Akasilo ngisho nenenekazi, kungasaphathwa umKristu. Uyisifebe sasemgwaqeni esisetshenziswa nguSathane, esiphefumulelwe nguSathane, ukuthumela amadodana kaNkulunkulu esihogweni, ukugcwalisa iZwi uJesu Kristu athi lalizokwenzeka. Bengingaqondile ukusho lokho, kodwa Wakusho, empeleni. Niyabona ukuthi lomoya wezenkolo uvelaphi na? Umuthi oxubile.

153 Uthi, "Yini engalungile ngalelibhulukwe leflanela isleksi," kumbe noma balibiza ngokuthini, "amapedal phushazi ibhulukwe eligcina emadolweni, kumbe noma kuyini?"

IBhayibheli lasho, ukuthi, "Noma yimuphi owesifazane oyogqoka ingubo efanele owesilisa, kuyisinengiso ebusweni bukaNkulunkulu." Lowo ngu LISHO KANJE IBHAYIBHELI.

Nowesifazane oyogunda izinwele zakhe, uhlazisa ikhanda lakhe. Futhi aku ngisho . . . Kuyinto eyisono ukuba owesifazane akhuleke enezinwele ezimfishane, iBhayibheli lasho njalo, akhuleke emphakathini ikhanda lakhe lingamboziwe. Futhi eyakhe . . .

O, wena uthi, "Ngifaka isigqoko."

154 Wena mzenzisi, ufundisa labo besifazane izinto ezinjengalokho! Kanti, iBhayibheli lathi, "Izinwele zakhe zinikwe yena ukuba zibe yisembozo," hhayi isigqoko esithize esenziwe ngumuntu. Yilokho iBhayibheli elakushoyo. Anginacala; nginecala kuphela lokukhuluma iQiniso. Ningabi ngabangathembekile, njengoba iBhayibheli lathi, "Bephatha iZwi likaNkulunkulu ngenkohliso," ukwe—ukwenela noma—noma ukuhlangabezana nesicelo sesigejane sezintekenteke orikhethasi.

155 Nginegama *ububi* lapha. Ngino "Elvis" ebhalwe phansi esikhundleni so *bubi*. Konke kuthi akufane. Igama elithi *Elvis* lichaza "ikati," negama elithi *Ricky* lichaza ukuthi "igundane." Uma uthi "uRicky omncane," uchaza ukuthi "igundane elincane." Enimbiza ngakho, yilokho ayikho. Umfanyana wakho owethiwe ngalelogama, lishintshe masinyane, ngenxa yeVangeli. Ungamethi umfanyana wakho . . .

Awuwezwa neze amagama anjengalelo emuva eBhayibhelini, kumbe noma kumuphi omunye unyaka. Ngunyaka, igama lalonyaka. Kwake kwabakhona amagundane namakati, kulapho.

156 Konke lokhu . . . ? . . . ojoki bamadiski esigidi samadola, nalababafanyana behamba baphumele lapha, abakwazi ngisho noku—kuya esikoleni bengafake-nto endlebeni, nomsakazo

omdadlana onokokulalela emaphaketheni abo, nje, "duum-duum."

O, benyukela lapho endlini, futhi senza . . . Labobafo bezama ukupenda indlu yami phezulu lapho. Sathi, "Khiphani leyonto lapha. Uma ningenakusebenza ngaphandle kwalokho, sukani-ke emsebenzini. Kungenza imizwa iphazamiseke kakhulu angikwazi ngisho nokuma konke lapha. Siyinikele kuNkulunkulu lendawo. Asilufuni lolohlobo lombhedo wodum-dumu walezizinsuku zokugcina konke lapha." Ngathi, "Kuvaleni noma nisuke emsebenzini!"

157 Qaphelani, ezenkolo, nakuba, o, impela, baya esontweni ngqo futhi bame egumeni, benokulalela udum-dumu.

158 Futhi, qaphelani, uMlobokazi-Zwi kaKristu wenyukela enhlokweni, futhi. Njengoba sibona ukuthi umphikukristu uphethelaphi, uqala emuva lapho futhi manje uza enhlokweni; umkhandlu wenkolo yobukristu uzokubeka enhlokweni yobufundisi. NeBandla elincane elizayo, nalo, uMlobokazi-Zwi kaKristu kusukela phansi onyakeni, uza eNhlokweni, ngoba Lizobumbana libuyele kuMata waLo. Njalo, njengebandla nje nakho konke okunye, Lifanele libumbane. UKolo, konke okunye, kubuyela ngqo enhlokweni yakho lapho okwaqala khona; njengoKayini noAbela. UMlobokazi-Zwi wenyukela enhlokweni eMntwini weZwi likaNkulunkulu libonakaliswe kulonyaka omubi esiphila kuwo. Niyabona ukuthi uphethelaphi na?

159 NoSathane masinya uzothatha umlobokazi wakhe wenhlakanipho bese ephakamisa lo omkhulu, ongumphikukristu, ukubusa ezindabeni ezingcwele, bese emhlalisa esihlalweni sobukhosi, "nezwe lonke liyomangala emva kwakhe."

Uyobe esefika-ke uKristu. Nababili ngeke babakhona ngesikhathi esisodwa. Nombuso wakhe uyothathwa; uyobhujiswa.

NoKristu, iZwi likaNkulunkulu . . . Okungukuthi, owesifazane uyingxenye yomzimba wendoda. Ababili; bamunye. NoMlobokazi, iBandla, iZwi, "abantu ababizwe baphuma *lapha* na *laphaya*, ngenxa yeGama laKhe," bazobumbana eMzimbeni kaJesu Kristu.

Nombuso womphikukristu uyothathwa futhi ubhujiswe. NoKristu uyothatha isihlalo sobukhosi, bese ehlala esihlalweni sikababa waKhe uDavide, bese ebusa emhlabeni iminyaka eyinkulungwane; bese-ke ethula iBandla kuNkulunkulu, "elingenabala noma umbimbi." Yebo!

160 Manje qaphelani izinwele zakhe ezinde, isifungo somNaziri eZwini. Ngizodweba uMlobokazi kaKristu manje. Simdwebile umphikukristu, ukuthi ukuphi, ezenkolo nayoyonke into, isayense. Manje uMlobokazi omncane ozithobile kaKristu kalula nje ukholwa iZwi, noma ngabe Ungubani. Ngabantu ngamunye.

Ngethemba futhi ngikholwa wukuthi baningi abahleziyo bekhona, abaningi balalele. Futhi ngethemba ukuthi mina uqobo nani nonke, niyingxenye yalowoMlobokazi. Ngiyethemba abaningi. Futhi, kuzoba njalo, bonke lowo omiselwe lokho uyoba yilokho, ngoba yimvelo yabo. Bayabona. IZwi lingaqonda kuphela iZwi. Ngeke Laqonda ihlelo noma ukuphendukezela. Lazi kangcono; LiyiZwi. Niyabo? Ngeke laqonda lutho . . .

Ukolo ngeke waba yilutho ngaphandle kokuba ngukolo. Waqala, ungukolo; uyophetha, ungukolo. Nokhula ngeke lwaze lwaba wukolo, nokho luniselwa wugcobo olufanayo. Niyabo? Kodwa alusiwo ukolo. Njengoba ngasho ngoluny'usuku, mayelana nesihlahla sinamagatsha ehlukene kuso.

161 Izinwele zakhe ezinde, isifungo somNaziri, zikhombisa ukuthi Ufungile kuNkulunkulu. Ingubo yaKhe enhle yeZwi laKhe elithenjisiwe lonyaka Aphila kuwo, uzisonge ngalo, eMqinisekisa ngaYe uqobo, ngamaHeberu 13:8, "UJesu Kristu nguyena izolo, namuhla, naphakade." Njengoba, Uyingxenye yeZwi Myeni, uthembekile kuYe ndawo zonke.

162 Manje bukani. Uma owesifazane ephuma lapha futhi egane indoda, futhi aphume bese enza uthando nenye indoda futhi abe nakwenza nayo, bese ebuyela endodeni yakhe, ifanele imkhahlele imkhiphe. Kunjalo na? Ufanele ethembeke kuyo, ngoba ufungile kuyo

NoMlobokazi kaKristu ufungile kuKristu; futhi UyiZwi.

Angacwayizi ngisho iso ngakwelinye icala, owesifazane akafanele ngisho ukucwayizisa iso kwenye indoda. Kufanele angenzi masayini, angenzi okususa amadlingozi nhlobo kuyo, ngokuba ngokoqobo ungumlobokazi kumyeni oyedwa.

163 Asifuni-mithi yenu exubile, amahlelo enu. Thembekani kuKristu, iZwi. UzoLiqinisekisa ukuthi liyiqiniso. Qhabo, mnumzane, hhayi ngisho noma yimaphi amadlingozi anoma yini ngasekwenzeni uthando kuye, angajoyini ezikhundleni zayo noma yini enye, noma umvumele akufake ezingalweni zayo noma ekunakekeleni kwayo, noma—noma axoxe kuwe nga *le* ndlela, *leyo* ndlela.

Lalelani kuphela iPhimbo elilodwa. "IZimvu zaMi ziyalazi iPhimbo laMi. Umfokazi ngeke zi . . ." Yini iPhimbo laKhe na? Noma yiliphi iphimbo lomuntu liyizwi lakhe. Futhi yilo Leli, iBhayibheli, akukho nelilodwa izwi elifanele lenezelwe kuLo noma lisuswe kuLo. Hlalani naleloPhimbo nje ngqo. "Umfokazi angeke zamlandela," ihlelo.

164 Njengoba, Uyingxenye yoMyeni, wethembekile kuYe ndawo zonke, ulinde uMshado. Uyabumbana, hhayi emkhandlwini wenkolo yobukristu; kodwa esibhakabhakeni, esiDlweni sakusihlwa soMshado. Uphiwe . . . Lokhu kungokwebandla okungelethu. I . . . Uphiwe, futhi Wembulelwa, izimfihlakalo zeziMpawu eziyisiKhombisa zeBhayibheli. Niyabo? Uyabubona

ubuwula bomdukisi, esondele kakhulu eQinisweni, ngangokuthi kucishe impela kudukise abaKhethiweyo. Uyakubona. U . . .

165 Niyayibona imimoya emibili ephikisanayo isebenza kulonyaka omubi na? Ningayibona na? Ngamunye unokukholwa impela, uKayini noAbela, imimoya futhi iza ezinhlokweni zayo, isafana njengoba yaqala. Owodwa, ukhonza ngobuhle, nangolwazi, nangemfundo, nangesayense, nangesayense ephathelene nenkambo elungileyo. NoMunye, ngokukholwa kwesambulo seZwi likaNkulunkulu. Yomibili umi khona kulendlu kulokhu ukusa. Kunjalo.

166 Isambulo, noma ukukholwa, eZwini laKhe, akenzi kuzisho kolwazi; owangempela, umKristu weqiniso.

Bathi, "Unaso, noma unaso isiqu sobudokotela na?"

Akenzi kuzisho. "Ngi—ngiyalikholwa iZwi laKhe." Niyabo? Akenzi kuzisho. Akazisho ukuthi ufundile. Akasuye nowanoma yiliphi ihlelo, nayiphi iphathi, nayibuphi ubuhlelo benkolo. LingelikaKristu. LinguMkaKhe; hhayi umka-bandla

Uyisifebe. IBhayibheli lathi wayeyisi "febekazi," no, "NINA WEZIFEBE," futhi onke ahlangana ndawonye futhi enza isifebekazi esifanayo. Nalolohlobo lowesifazane lungowesifane ongethembekile eNdodeni yakhe; futhi ezisho ukuthi uKristu uyindoda yakhe, futhi engowehlelo. Umbhedo onje pho! SingababakaKristu.

167 Kodwa, ekulaleleni, lo Wesifazane okholwayo omncane, ophila ngokukholwa, uMlobokazi; umuntu *lapha, laphaya*; ophuma kwenye indawo, kwelinye ibandla elithize, elinye ihlelo elithize, noma ngabe yini, kokunye okunga . . . Ukholwa yiZwi likaNkulunkulu, ukulalela, elinde ngothando, isithembiso sonyaka ukuba siqiniswe. Uqaphe khona. Uyingxenye yaleloZwi futhi uqaphe impilo yaKhe ukuba ibonakalise leloZwi.

Bazalwane, anikuboni lokho na? Ngiyethemba lokho akuneqanga.

UMzimba ulindele (oyiZwi), ulindele ukuPhila (okunguMoya) ukuqinisa noma ukuLenza liphile. Yilokho Akulindele. Akukho okunye ukuphila okuyosebenza kuYe. Ngeke eza ekuphileni noma ngayiphi enye indlela. Nokho, Uyakuzwa phandle lapho, futhi Uyazi ukuthi kuzokwenzeka; manje-ke nakhu kwenzeka, manje-ke Useyavuka. UNkulunkulu wathi, "Makube-khona," futhi Wavela njengoba kuvela owokuqala.

168 "Abantwana bokungalaleli" kuchaza ukungalaleli . . . *Ukungalaleli* kuchaza "ukuhlubuka." Ngilibukile lelo kwisichazamazwi, ukuqiniseka. Ukuhlubuka, ukuhlubuka ngokumelana (nani na?) neZwi likaNkulunkulu elembuliwe. NjengoKayini wembula . . . wahlubuka ngokumelana nesambulo esembuliwe sika-Abela, siqinisekiswe nguNkulunkulu ukuthi

sasilungile. NoKayini wahlubuka ngokumelena naso, futhi wabulala umfowabo.

AbaFarisi, nolwazi olungolwabo lwehlelo lokuthi iZwi likaNkulunkulu laliyini, indoda eqokwe ngesandla somuntu qobo lwakhe, bahlubuka iZwi likaNkulunkulu eliqinisekisiwe elenziwe labonakaliswa losuku, uJesu Kristu, futhi baMbulala. Kunjalo?

Yilokho-ke "abantwana bokungalaleli," ukuhlubuka ngokumelana neZwi likaNkulunkulu.

Manje niyabona ukuthi bakuphi na? "O, izinsuku zezimangaliso selwedlule. UJesu Kristu akakafani. Ayikho into okuthiwa ngumbhaphathizo kaMoya oNgcwele. Yonke leyonto ngumbhedo!" Niyabo, ukuhlubuka! Abadingi ukusho izinto ezimbili; badinga basho eyodwa nje, yilokho kuphela. Lokho ngukuhlubuka, khona lapho. Ngeke basho ukuthi awunawo amehlo, awunazo izindlebe; ufanele uthathe umzimba wonke, iZwi lonke. Niyabo?

UMoya oNgcwele uyabiza, "Aliphume kulo, lingahlanganyeli nalo umbhedesho walo," njengoba ehleka futhi ehleka usulu iZwi likaNkulunkulu lalolusuku.

"Ngokuba uNkulunkulu akahlekwa," khumbulani nje. Lizokuthola. Ningakhathazeki. Lizokuthola. IBhayibheli, kwabase-Efesu 4:30, uma nifuna ukukubhala phansi lokho, kwabase-Efesu 4:30, kwasho. "UNkulunkulu akahlekwa. Lokho akuhlwanyelayo umuntu, lokho wokuvuna." Ngeke bahleka futhi bahlekise, futhi basho lezizinto, futhi bazedlulele nakho. "Njengesinkwa phezu kwamanzi, siyobuya."

169 Ungumlobokazi kadeveli usongwe ngolwakhe lwezenkolo, ulwazi oluthanda isono lwalonyaka omubi wamanje, ukunidukisa. O, he! Bonke abahlangene bodwana ngokucwasa abanye noma ihlelo lemimoya eholelana ekoneni, ngolwazi lwesayense nempucuko yesimodeni! Bezisho ukuthi . . .

Sizovala emizuzwini embalwa nje. Ngizodingeka ukuthi ngime, ngoba angikwazi ukukuqeda konke, niyabo.

Ezisho ukuthi wakha izwe elikhulu ukuba nihlale kulo. Uyazisho, ukuthi, empucukweni yakhe, wakhe amasonto amahle, amakholiji, izikole, izibhedlela, amalayibrari, nosizo lwesikhashana lomuntu, engenalo iZwi likaNkulunkulu. Ukwenzile. Ukufakazisile ukuthi angakwenza. Nabantu bathathekile kukho; yebo, mnumzane; izikole, amahlelo, impucuko, abantu abagqoke kahle, abantu abondleke kahle.

Ngingaqoka ukuba semgqeni wesinkwa, futhi ngibekahle noNkulunkulu; kunoma ngibe nenkukhu ethosiwe kathathu ngosuku, futhi ngibe ngizodingeka ukuba ngibe ngowesifebe esinjalo.

170 Khumbulani, ihora selisondele liseduze lapho uphawu luzofika khona. Kuyoba phakathi kokuthi uphakathi kulo noma ungaphandle kwalo. Luyofika njengesela ebusuku. Luyokubamba phakathi lapho ngqo, futhi ulapho. Akusekho-ke ukuphuma kulo ngaleyonkathi; usuluthathile. Phuma!

Ingelosi yehla ivela eZulwini, inobuso obukhanya kakhulu, yase imemeza kubantu. Yazamazamisa umhlaba. "Phumani kulo iBhabhiloni, ngokuba liwile. Ningahlanganyeli nalo izinhlupheko zalo, bantu baMi!" Phumani kulo. Phumani! Asikufundanga yini nje eZwini, esikhashaneni esedlule na? I *ngelosi* yisi "thunywa," niyabo, yehla. Qaphelani uMoya oNgcwele, "Phumani kulo, ningahlanganyeli."

171 Manje wakhe zonke lezizinto. Wakhe amasonto amakhulu. Wakhe amakholiji, izikole, ethatha abantu futhi ebafundisela kwe—kwengcono, ebizwa ngalokho, impucuko. Futhi babafundise ngempucuko yesimodeni ebafake emgodini wokufa, ngolwazi, baqhela kuNkulunkulu neZwi laKhe.

Aniliboni lonke iqhinga na? Niyakubona lokho, bandla na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Phandle emoyeni, uma nikubona emabandleni enu uqobo phandle lapho, thanini "amen," khona-ke bonke abanye bazokwazi ukuthi nimi kuphi. Niyabo?

Ukwenzile. U . . . Ngunkulunkulu walomhlaba, futhi wakhe amakholiji. Wakhe amayunivesithi. Wakhe izibhedlela. Wakhe amalayibrari. Wakhe zonke lezizinto zibe wusizo lwesikhashana lomuntu, lwenele nje ukubadukisa, ukuba basuke kuleloZwi. Futhi ubaholele kuphi na? Lonke ibandla lezwe lithe dlwa ekufeni, ngokuba uNkulunkulu washo ukuthi Wayezosishisa isifebekazi, nabantwana baso, ngomlilo ongunaphakade.

Phumani kukho, bantu! Ningabanjwa phakathi lapho. Sukani kuleyonto ngokukhulu ukushesha eningakwenza!

Ngolwazi lwakhe lwesayense, ukwazile ukwenza lokhu, manje qaphelani, ngaphandle kweZwi likaNkulunkulu.

172 UNkulunkulu akazange asigcobele ukuba siphume futhi sibe nezikole. Akazange. Akazange asitshele ukuba sakhe izibhedlela. Zinhle. Akazange asitshele ukuba sakhe amalayibrari. Qhabo, mnumzane. Akazange.

Wathi, "Nishumayele iVangeli." Futhi, iVangeli, liyabonakalisa, likhombisa ngokwenza amandla kaMoya oNgcwele.

UPawulu wathi, "IVangeli liza kithi, hhayi ngezwi kuphela, kodwa ngokubonakaliswa nangezibonakaliso zikaMoya oNgcwele." UPawulu wathi, "Angizi neze kini ngamazwi amakhulu okuhlakanipha ngodokotela othize okanjalonjalo, kodwa ngiza kini ngamandla nangesibonakaliso sikaMoya oNgcwele; ukuze ukukholwa kwenu kungemi ngokuhlakanipha noma ulwazi lwabantu balelizwe, kodwa ngamandla okuvuka

kukaJesu Kristu; ngoba Uyaphila, onguye izolo, namuhla, naphakade.” UNkulunkulu uyasisiza ukuba sikholwe into efanayo, futhi uNkulunkulu uqinisekisa into efanayo njengoba kade Enza.

173 Uyanivimbela ekuboneni isambulo seqiniso nokukholwa kweZwi likaNkulunkulu lembulwa futhi liqinisekiswa namhlanje, ngezikole zakhe, amalayibrari, izincwadi ezifundwayo amalitrisha, izibhedlela, kanjalonjalo. Niyabo? Uyanivimbela kukho. Manje uyahumusha, njengoba enza kuFaro, ezama ukunivimbela ekuboneni incazelo yeZwi eliqinisekisiwe lonyaka waKhe othenjisiweyo ngeziNkanyiso zakusihlwa, eliqinisekisiwe lafakaziswa. Uzamile, ngolwazi lwakhe, nezikole, nabantu abafundiswe kangcono nesayense ephathelene nenkambo elungileyo, kanjalonjalo ukunivimbela ningakuboni Lokho.

Noma yini, ukuze ningakubuki Lokho futhi nibone ukuthi lowo nguJesu Kristu! Nazi kanjani ukuthi nguJesu Kristu na? UyiZwi, futhi UyiZwi lalonyaka. Nalonyaka, washo ukuthi lokhu kwakuzokwenzeka kulonyaka, futhi nakhu kuyenzeka. Niyabo? Niyabo? Yena ezama ngamandla akhe onke ukunivimbela ekuboneni Lokho.

Uyojobelela noma yiliphi igama elingcolile kuLo angalithola. Niyabo? UyoLibiza ngaba “ginqiki abangcwele” nakho konke okunye. Wabiza uJesu ngo “Belzabule.” “Futhi babiza uMninindlu ngoBelzabule, bayobabiza kangakanani-ke abafundi na?” Niyabo?

174 Niyabo, ezama ukunivimbela ekutheni nibone incazelo yangempela yeZwi. Hhayi lokho . . . Niyabo, uyaLihumusha, ethi Lichaza *lokhu*.

UNkulunkulu wathi, “Ngethembisa ngezinsuku zokugcina ukuthi Ngiyakuthuma kini uMalaki 4.” Akudingi-kuhunyushwa; Wakwenza. Wathi, “Futhi njengoba kwenzeka emihleni kaLoti, izwe liyoba sesimweni saseSodoma; futhi ngalesosikhathi, Ngiyokwembula iNdodana yomuntu ngakho, impela.” Sinazo zonke izinhlobo zezilingiso nakho konke okunye, kwakho, kodwa sinaKho okwangempela, futhi. Niyabo? Wathi Wayezokwenza.

Wathi umphikukristu uyovuka futhi cishe impela adukise abaKhethiweyo uma kwakunokwenzeka. Kodwa wathi, “Bayekeni. Bayekeni baqhubeke. Ubuwula babo buyofunyanwa.” Ngani na? Ukuhlola kweZwi kuyakufakazisa. Niyabo?

Uma sekufika kuleloZwi, “Lokho kwakukade kusemuva nga *le* ndlela, *leyo* na? O, angikholelwa enzalweni yenyoka. Angikholelwa ku *lokhu*, *lokho,* no *kunye*.” Akukaze kwembulwe, niyabo, qha, neze. O, mfowethu, buka nje lapho . . .

Sizodingeka ukuthi sivale, ngoba sekungeleshumi nambili. nqo.

175 Qaphelani, ezama ukunivimbela ekutheni nibone incazelo yeZwi lalonyaka, wokuKhanya kwakusihlwa kuhunyushwa. Kuyi. . . Kuchaza ukuthini na? Yisikhathi sophumo sesiseduze, uNkulunkulu uzela Yena, kanjenganezwe impela. Niyabo?

176 Manje ngifuna ukunibuza umbuzo. Ngenkathi, sekungeleshumi nambili nqo manje, imizuzu emihlanu selishayile; futhi sizoqhubeka, kulobubusuku. Niyambona unkulunkulu walonyaka na? [Ibandla, "Amen."—Umhl.] Niyakukholwa na? ["Amen."] Niyabona ukuthi linjani, ibandla, elihlakaniphile, isayense na?

Umhlaba wonke ungowalo, niyabo, amahlelo. Futhi, wena uthi, mina ngingumKristu. "Usonta kuliphi ihlelo na?" Awu, ukuba bengisonta ehlelweni, angikholwa ukuthi bengizoba ngumKristu. Manje, lelo yigama elikhulu, kodwa kunjalo.

Ngisanda kuqeda nje ukusho ukuthi ulwazi nesayense, nobuKristu, akunabudlelwane nhlobo. Okunye okukadeveli, nokunye ngokukaNkulunkulu. Noma yini ephika iZwi likaNkulunkulu, deda kuyo. Niyabo? Qhabo, mnumzane. IBhayibheli libiza, ngokwalolu izinsuku zokugcina, ukuba amaKristu aphume kulesosifebe, lowo ngumuthi wokuhle nokubi.

177 Impela, unokuhle. Ukhona umuntu ongakhuluma okubi ngesibhedlela na? Qhabo, mnumzane. Ilayibrari? Qhabo, mnumzane. Imfundo? Qhabo, mnumzane. Kodwa, niyabo, babanika lokho ngaphandle kweZwi. Niyabona ukuthi kudukisa kanjani na? Bebanika ibandla abangaya kulo, ukukhonza ukuba bakhonze, "unkulunkulu ehlezi esihlalweni sobukhosi." IBhayibheli lakusho kungakenzeki.

178 Manje ningabawo owodwa walemizimba. Mibili kuphela emhlabeni manje, bekuhlala kunjalo, futhi iyobakhona kuze kufike uJesu, nowodwa wayo uzobhujiswa. Manje ningabawo owodwa wemizimba. Omunye wayo, niwujoyinile; omunye, niyazalwa kuWo. Niyabo?

Omunye wawo, niyingxenye yawo ngoba nizalwa kuWo. Nifanele nibe yingxenye yaWo. Bengingaphika ukuthi nginengalo na? Kanjalo njengoba ngingenakuliphika noma yiliphi iZwi likaNkulunkulu, uma ngiyingxenye kaNkulunkulu. Ngiyingxenye kaWilliam Branham; ngisezingxenyeni, nazozonke izingxenye yingxenye yami. Nalo lonke iZwi likaNkulunkulu lifanele lenele umoya wami, lifanele lenele umphefumulo wami, lifanele lenele ukuphila kwami, Lifanele lenele amasu ami. Uma amasu ami liphambene naLokho, khonake uMoya kaNkulunkulu awuhlali kimi. Kunjalo. Ngingephike nelilodwa iZwi laLo.

179 Ningabawo owodwa wemizimba. Kufanele kubenjalo, kufanele kubenjalo nje. Kuphakathi kokuthi nguMzimba kaNkulunkulu, ongeZwi; noma umzimba kaSathane, ngebandla. Futhi umhlaba wonke uzofanele usonte kwelinye ibandla; likhonza unkulunkulu othize. Ufanele ukhonze phakathi kukankulunkulu wolwazi, wethembela kulokho okuzwa ngolwazi, wethembela ku *lokhu*, noma *lokho,* noma *okunye*; noma wethembela eZwini likaNkulunkulu, ngokukholwa, ubheka Yena ukuba aLiqinisekise futhi Alenze libe yiqiniso.

> IBandla likaNkulunkulu langempela libheke ukufika kwalolosuku oluhle lweNkulungwane yeminyaka,
> Lapho iNkosi yethu ebusisiweyo iyofika khona bese ihlwitha uMlobokazi waYo;
> O, inhliziyo yami igcwaliswe ngohlwitho njengoba, ngisebenza, ngibhekile futhi ngikhuleka,
> Ngokuba iNkosi yethu ibuyela emhlabeni futhi.
>
> O, iNkosi yethu ibuyela emhlabeni futhi,
> USathane uyoboshwa iminyaka eyinkulungwane, asiyikuba nomlingi ngaleyonkathi,
> Emva kokuba uJesu eyobuyela emhlabeni futhi.

180 O, bantu baleUnited States, lapho loMlayezo ohamba khona manje, balekani ngamandla enu onke kulolulwazi, unyaka wesayense esiphila kuwo. Balekelani eZwini likaNkulunkulu!

Nina, mina, akekho onga—ongahle aLazi; akekho ongaLifakazisa. UNkulunkulu wenza ukufakazisa kwaKhe uQobo. Akekho onelungelo lokuLihumusha; mina, akekho omunye umuntu onelungelo. UNkulunkulu wenza ukuhumusha kwaKhe uQobo. Wenza isithembiso. Wathi Wayezokwenza lokhu ngezinsuku zokugcina.

Futhi ngezinsuku zokugcina unkulunkulu walonyaka omubi uyophuphuthekisa amehlo abantu, ngolwazi lwakhe lokuhlakanipha, emthini oxubile wokuhle nokubi, usalokhu ewunika abantu. Futhi nanku uza, leyonto iphethela enhlokweni, lelohlelo kusukela le emuva ngeziKhathi zoBumnyama, nangaphambi kweziKhathi zoBumnyama, konke kuphethela kumuntu ophakeme, uSathane, owathi, "Ngiyozikhukhumeza ngaphezu kwamadodana kaNkulunkulu, futhi ayongilalela." "Futhi yena njengoNkulunkulu uyohlala thempelini likaNkulunkulu, namadodana kaNkulunkulu ayothatheka kukho."

181 Ngani, amadodana kaNkulunkulu, uthi, "Awu, umkami, akusikho; ungolungile. . . " Qhubekela phambili, qhubeka nje. Niyabo?

Wena uthi, "Awu, Wathi 'amadodana kaNkulunkulu.'" Yebo, mnumzane.

Umuntu, noma ngabe ungubani, wenziwa ngomfanekiso kaNkulunkulu, kwenzelwa inkazimulo kaNkulunkulu. Nowesifazane ungumkhiqizo ovele kamuva wendoda, hhayi kaNkulunkulu. Kunjalo. "Kwathi amadodana kaNkulunkulu ebona ukuthi amadodakazi abantu ukuthi mahle, azithathela kuwo abafazi."

"Futhi njengoba kwenzeka emihleni kaNowa, kuyakubanjalo ekufikeni kweNdodana yomuntu."

Manje bukani, uma nifuna ukwazi ukuthi sigaba sini ibandla elikuso, bhekisisani ukuthi sigaba sini abesifazane akuso, niyabo, ngoba uyibandla. Bhekisisani ukuthi wenzani, niyabo, nakulonyaka wesifebe omubi.

182 Bukani, kwakungekho eledeleleke kakhulu, elibi kakhulu, eliphansi kakhulu idolobha ezweni, ukwedlula iNazaretha, futhi lapho uNkulunkulu wakhetha intombi. "Bekungase kuvele okuhle eNazaretha na?"

Futhi kulonyaka omubi, lapho unkulunkulu walonyaka ephuphuthekise khona amehlo abantu, ngemibhedesho yabo namahlelo; kuwo lowonyaka impela, uNkulunkulu ukhethela abantu iGama laKhe.

> Nakuba lapha benganakiwe futhi bedelelwa, ngoluny'suku iNkosi iyoletha
> Abakhethiweyo baYo phakathi kwesango, nalokho kwenele konke.
> Khona siyocula simemeze, futhi sisine ngakho,
> IWundlu liyosula izinyembezi zethu;
> Siyoba neviki elilodwa elimnandi lokuza ekhaya,
> Iminyaka eyizinkulungwane eziyishumi yokuqala. (Kunjalo.)
>
> Abantu abayisimangaliso beGama laKhe futhi babizwa ngoMlobokazi waKhe. (Kunjalo na?)
> Nakuba benganakiwe futhi bedelelwa, ngoluny'usuku iNkosi iyoletha
> Labo abakhethiwe phakathi kwesango, (ophumweni) nalokho kwenele konke kimi.

183 Sengiyaguga. Nezinsuku zami ziqala ukufiphala; nokubona kwami kuqala ukuba lufifi; nelangabi lami elincane lokuphila liqala ukuvuthela phansi. Angibesabi ubumnyama. Ngokuba ngifuna ukusho lokhu, noPawulu, "NgiMazi emandleni okuvuka

kwaKhe." Akunandaba ukuthi bangingcwaba kuphi, uma ngiminza olwandle, noma ngisha esithandweni, noma ngidliwe ibhubesi, Uyobiza igama lami, futhi ngiyokhuluma. Amen!

Asikhuleke.

184 Uma kubakhona lapha, noma ngaphandle ezingcingweni zaloMlayezo esizweni, emabandleni enu amancane namaqembu namahholo, nanoma yikuphi lapho enihlezi khona, uma ekhona oyedwa, o, ake ngininicenge; ake ngininxuse, njengomfundisi weVangeli; ake ngininxuse, eGameni likaJesu Kristu; balekelani ulaka lalonyaka omubi! Ningamkhonzi unkulunkulu walonyaka omubi.

O, ngiyazi nithi, "Muhle. Bahle." Impela, umuthi oxubile. Ungeke waxuba ulwazi neZwi likaNkulunkulu.

YiZwi elifanele likholwe ngokukholwa, hhayi ulwazi. AwuLiqondi; uyaLemukela. Uthi Liqinisile, bese-ke uphila ngaLo. Yilokho kuphela Acela ukwenze.

Uma ekhona okhona lapha eqenjini lethu, ngeke sakwenza ukubizela ealtare ukunenyusela lapha, ngoba akukho-ndawo; noma phandle emoyeni, kolayini bakathelefoni, uma ekhona phandle lapho ongaMazi. Ninga . . .

185 O, besifazane, nginithethisile kulokhu ukusa, hhayi mina, ngicaphune kuphela iZwi. Izinwele ezimfishane, ukugqoka lezozingubo ezindadlana, uzigqokela wena uqobo ubukeke ukhanukisa, awuqondi yini ukuthi umoya o . . . Ungahlanzeka, dadewethu, othandekayo, uma kuza emzimbeni wakho, kodwa emphefumulweni wakho awuboni ukuthi yini ekubambile na?

UNkulunkulu ubengayenza yini indodakazi yaKhe ibukeke ikhanukisa ukudukisa indodana yaKhe uqobo, ukuba iyikhanukele, ukubenza bobabili baphendule ngokuphinga na? Ubengakwenza, dadewethu na? Zibuze lowombuzo. Qhabo, ngeke ngamamayela ayizigidi eziyishumi. Ungakubeki lokho kuNkulunkulu.

186 Mfowethu, ngabe unkulunkulu ukunike umoya walelizwe ngangokuthi awusakwazi ukubona ukuthi lokho kuyiphutha na? Ngabe uphuphuthekise amehlo enu, esayenseni ephathelene nenkambo elungileyo yebandla, ihlelo, isivumokholo, kanjalonjalo, ngangokuthi awusaboni ukuthi uNkulunkulu uqinisekisa iZwi laKhe futhi uLenza kanjalo na? Ngabe umsebenzi wakho, ngabe ubasi wakho, ngabe umkakho, ngabe abantwana bakho, ngabe ibandla lakho, kumbe noma yini, ikwehlukanise neZwi likaNkulunkulu, eliyilona kuphela umthombo wokuPhila na? Ubalekele, mfowethu! Ngiyanithanda, ngothando lokumesaba uNkulunkulu. Angihloniphi noma yimuphi wabafowethu ngaphezu kwenu, lutho nhlobo. Uma ngikwenzile, bengiyobe ngikhombisa inhlonipho yomuntu. Angizisho lezizinto ukunenza nithukuthele. Ngikhombisa, ngisho lezizinto ngoba ziseZwini

likaNkulunkulu. Nanjengenceku kaNkulunkulu, nothando lukaNkulunkulu enhliziyweni yami, nginitshela lezozinto ukuze nibone futhi niqonde. Mhlawumbe beningeke nazi ukuba benginganitshelanga. Ningakubalekela namuhla na?

Manje, nasezindaweni zonke ezweni, asikhothamise amakhanda ethu.

187 Nkulunkulu othandekayo, okubekwe phambi kwami ngamaduku. Abantu bayagula; ngibeka izandla zami phezu kwawo, ukuthi Wena uzobaphilisa.

188 Futhi ngiyethemba, Nkosi, kulobubusuku, ukuthi kuzobakhona inkonzo enkulu, ukuthi aMandla kaNkulunkulu azoba lapha, izibonakaliso ezinkulu nezimangaliso. Njengoba sizwile imiphumela kulemihlangano yokugcina ethi ayibe mibili, ukuthi ibe mikhulu kakhulu kanjani, siyabona ukuthi kwenzekeni! Ngiyakhuleka, Nkulunkulu othandekayo, ukuthi Uzosipha okuphindwe kabili kulobubusuku. Ngikukhuleka ngenhliziyo eqotho, Nkosi, ngoba kuluthando lwami ngaWe neZwi laKho, nangalababantu. Siphe khona, Nkulunkulu othandekayo.

189 Futhi uma ngaphandle ezweni lonke, kumbe ngisho naphakathi lapha manje, ukuthi kukhona abanye ogulayo nohluphekile, futhi ozohamba kulobubusuku, angabibikho lapha, noma abe phandle lapho emabandleni noma izindawo lapho behlaliswa khona; ngikhulekela ukuthi Uzobaphilisa manje, Nkosi. Kodwa okukhulu ukwedlula konke okokuphilisa! Uma Uphilisa umzimba wabo wenyama kumdlavuza, iTB, inyumoniya, okuthize, bayobuye bagule futhi, akungabazeki, uma bephila isikhathi eside impela, ngokuba umzimba wabo usephansi kwaso isono, isiqalekiso. Kodwa mabathole u—ukuphilisa ngokukaNkulunkulu kwangempela, ukuphiliswa komphefumulo, okwenza isidalwa esisha, edlula ekufeni eya ekuPhileni, bese-ke elinda kulelitabernakele elidala ukuba kuhlengwe umzimba emva kokuba umphefumulo usuhlengiwe. Siphe khona, Nkosi.

190 Kwangathi bangawabalekela lawomahlelo nezivumokholo. Nkulunkulu, phandle le kulezozivumokholo namahlelo ngihlangane nabanye babafowethu abanomoya omuhle ukwedlula bonke. Futhi, Nkulunkulu, ngingakusho kanjani ukuze bakubone, futhi ngibabonise iZwi na? Kuyangihlupha. Kodwa ngiyazi, futhi, ukuthi Wena wathi, "Akukhomuntu ongeza," akunandaba ukuthi ulunge kanjani, ukuthi uthobeke kanjani, ukuthi umnene kanjani, "uma uBaba WaMi engambizanga. Nabo bonke uBaba waMi aNgiphe bona, bayoza." Futhi, Nkosi, ngizwa umthwalo wami kuphela wokuba ngikhulume iQiniso.

Futhi kungabi njengoba uPawulu athi, "Bephatha iZwi likaNkulunkulu ngenkohliso," ngombhedesho wehlelo uxutshwe

kuLo, njengomuthi wokuxutshwa kokuhle nolwazi, okuhle nokubi; kodwa ngenhliziyo evulekileyo noMoya oNgcwele. Siphe khona, Nkulunkulu. Sindisa bonke.

191 Manje amakhanda ethu ekhotheme namehlo ethu evaliwe. Futhi hhayi kimi . . . Ngeke ngakusho ngalendlela, "Akungenzeli mehluko noma niyakwenza noma qha." Kuyangenzela umehluko. Ngiyanithanda. Futhi ngethemba ukuthi anicabangi ukuthi ngoba ngifanele ngikhulume ngokukhahlameza . . . NjengoPawulu wathi, "Ngithanda ukuba ngibekhona kanye nani, futhi ngiyoshintsha isimilo sami." Kwakungayi ngokuthi yingoba wayengabathandi; wayebathanda. Hhayi . . . Njengoba uJesu wadingeka ukuthi abasole, bese-ke eyabafela. Niyabo, "Baba, bathethelele; abakwazi ngisho abakwenzayo." Ukucabanga, isidalwa esingumuntu esifuna ukuba kahle, futhi sizama ukuba kahle, nokubona ukuthi udeveli . . . Yilowo engimelene naye, ophuphuthekise amehlo alababantu.

192 Lesisizwe besifanele ukuba ngabe sivutha inkazimulo kaNkulunkulu, ukubona ukuthi kwenzekeni kulo ngalolusuku lokugcina, lolu lokugcina. Yingani lezizimvuselelo zingashayi emazweni amadala na? Lolu wuGu lwaseNtshonalanga ngapha, intshonalanga ekude kunayo yonke ongayihamba. Manje isithiyo sesono sidumise okwezulu phansi ngaphansi komhlaba, futhi uyacwila; izindawo, neLos Angeles neHollywood, icwila amayintshi amaningi kangako ngehora, ayikho indlela yokukumisa. Ya, silapha. Kakhulu impela noma ngasiphi isikhathi sizozwa isamanisi. Uma wazi ukuthi . . .

Manje, akungabuki-muntu. Kodwa uma wazi, ngokusuka enhliziyweni yakho . . . Ngibuza wena. Angikwazi ukwazi inhliziyo yakho, ngaphandle uma yembulwa nguNkulunkulu. Kodwa ngokusuka enhliziyweni yakho, uma ungabona ukuthi awukho lapho ofanele ubekhona noNkulunkulu neZwi laKhe, ekukholweni, ungavele nje kuYe uphakamise isandla sakho, uthi kuYe, "Nkosi, ngisize Wena." O Nkulunkulu! Kulelibandla, eligcwele phama, ligcwele ukugudla izindonga, ngaphakathi nangaphandle, ngokwempela izandla ezingamakhulu, mhlawumbe izandla ezingamakhulu amabili ziphakeme. Ngiyanibonga ngobuqotho benu.

193 Jesu othandekayo, ungavumeli kulahleke namunye wabo. Njengenceku yaKho, emi phakathi kwabaphilayo nabafileyo, ibakhomba, ngomunwe, eZwini likaNkulunkulu. Ngeke ngabasindisa, Nkosi, kodwa bafuna ukusindiswa. Futhi, Baba, njengoba ngishilo izikhathi eziningi, ilanga liphuma ekuseni; futhi lapho likhuphuka linqamula umhlaba, lithunyelwa nguNkulunkulu ukuvuthwisa uhlamvu, ukwenza ukudla kwemvelo kokuphila kwemvelo. Kodwa, O Nkulunkulu, Wathi, "Kulabo abalesabayo iGama laKhe iLanga lokulunga liphuma linokuphilisa emaphikweni aLo." Makuthi iLanga lokulunga, iZwi likaNkulunkulu, liphumele ezinhliziyweni zabantu,

nemisebe ephilisayo yokukholwa kuleloZwi lelaphe konke ukungalaleli eZwini, futhi libalethe kuze kube ukugcwala kwamadodana namadodakazi kaNkulunkulu.

BangabaKho, Nkosi. EGameni likaJesu Kristu, ndawo zombili lapha nangaphandle emoyeni, ngethula labo abaphakamise izandla zabo kuWe kusindiswe imiphefumulo yabo. Amen.

Lapho umphefumulo wami ohlwithiwe uyothola (Kuphi? Kulelialtare.)
Ukuphumula ngaphesheya . . . (ngokukholwa ngibuka laphaya lapho engiya khona?)

Eduze nesiphambano, (lilenga lapho iZwi) . . . siphambano,
Yiba inkazimulo yami njalonjalo;
Uze uthi umphefumulo wami ohlwithiwe uyothola
Ukuphumula ngaphasheya komfula.

Jesu, ngigcine . . . (Lokho ngukuthi, ngibethelwe naYe, angifuni lutho lwezwe. "Ngigcine ngibethelwe.")
Kukhona umthombo oligugu,
Ungesihle kubobonke, umfudlana ophilisayo,
Ugeleza uvela entabeni yaseKalvari.

Esiphambanweni, esiphambanweni,
Yiba yinkazimulo yami (asiphakamise izandla zethu) njalonjalo;
Uze uthi umphefumulo wami ohlwithiwe uyothola
Ukuphumula ngaphesheya komfula.

194 [UMfowethu Branham uyakhuluma manje kwabashaya izinsimbi—Umhl.] "Ngizwa uMsindisi wami engibiza."

Sondela bese ubamba isandla somunye, bese uthi, "UNkulunkulu akubusise, mKristu."

[UMfowethu uyakhuluma futhi kubashayi bezinsimbi—Umhl.] "Ngizwa uMsindisi wami engibiza."

Niyabuzwa uBukhona baKhe na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.]

Phandle laphaya emagagasini amafoni, nonke xhawulanani phandle lapho, futhi nithi. "UNkulunkulu akubusise, mKristu."

195 Niyazi, kukhona ichibi lamanzi ngemuva lapha. Uthatha abantu abagqoke iGama laKhe. Anikaze nibhaphathizwe eGameni likaJesu Kristu kukho ukuthethelelwa kwezono zenu, kukhona ichibi, kukhona izingubo, ikhona indoda imile isilungele. Nemukelekile, uma nimemukela ngokweqiniso uJesu njengoMsindisi wenu futhi nikholwa ukuthi lelo yiQiniso.

196 Khumbulani, wayengakaze abekhona umuntu eBhayibhelini, kumbe noma ngasiphi isikhathi ngaphambi kokuhlela kwebandla eliKatolika, owake wabhaphathizwa noma ngayiphi indlela kunaseGameni likaJesu Kristu. Akukhondawo etholakala emBhalweni, noma umlando, ukuthi noma yimuphi umuntu wake wabhaphathizwa eBandleni likaNkulunkulu ophilayo, egameni leziqu zika "Yise, iNdodana, uMoya oNgcwele." Ngumbhedesho weKatolika, futhi hhayi ukufundisa kweBhayibheli.

197 Ngibuzwa ngengxoxiswano ngumpristi, ngambuza lokho. Wathi, "Lelo yiqiniso. Kodwa yithina ibandla; singashintsha noma yini esifuna ukuyishintsha. Isizotha sisebandleni. UNkulunkulu usebandleni laKhe."

198 Ngathi, "uNkulunkulu useZwini laKhe. Futhi uma ibandla li. . ." Ngathi, "UNkulunkulu uyiZwi. Futhi uma ibandla liphambene neZwi, khona-ke angilikholwa ibandla."

Onke amazwi omuntu awabe amanga, noma ngabe ngumpristi, uphapha, noma angaba yini, neZwi likaNkulunkulu libe yiqiniso.

NoPawulu wenza ukuba wonke umuntu, kungenandaba ukuthi wayekade ebhaphathizwe kanjani, uma wayengabhaphathiziwe eGameni likaJesu Kristu, ukuba eze aphinde abhaphathizwe futhi.

199 Futhi emva kokuba abanye sebemukele uMoya oNgcwele, uPetru wathi, "Singala namanzi, lokhu laba sebemukele uMoya oNgcwele," iZenzo 10:49, "lokhu laba sebemukele uMoya oNgcwele njengoba senza ekuqaleni na?" Wayesebayala, "Ningakasuki endaweni, nakuba senimamukele uMoya oNgcwele, wozani nibhaphathizwe eGameni likaJesu Kristu."

Ngokuba, uPetru wanikwa isihluthulelo kuwo uMbuso, ethi, "Noma yini okubopha emhlabeni, Ngiyakukubopha eZulwini." Futhi senzani isihluthulelo na? Sivula into ethize, imfihlakalo.

200 Futhi lapho uJesu ethi, "Hambani, nibabhaphathize eGameni likaYise, iNdodana, uMoya oNgcwele," ebeka lokho lapho ukuphuphuthekisa ongakholwayo.

Bhekisisani! UPetru akakwenzanga ngani lokho, izwi ngezwi na? Wayefanele akwenze.

Uma umuntu ebhaphathizwe eziqwini, "uYise, iNdodana, uMoya oNgcwele," akakaze abhaphathizwe nhlobo; akanaGama. U *Yise* akusilo igama, i *Ndodana* akusilo igama, no *Moya oNgcwele* akusilo igama. UMoya oNgcwele yilokho Oyikho; njengokuthi, ngingumuntu. NguMoya oNgcwele.

U *Yise* yisiqu; ngingubaba. I *Ndodana* yisiqu; ngiyindodana. U *Muntu* yisiqu; yilokho engiyikho. Kodwa igama lami ngingu William Branham.

NeGama likaYise, iNdodana, uMoya oNgcwele yiGama lika "Jesu Kristu." UJesu wathi, "Ngiza ngeGama likaBaba waMi." Ubani iGama likaYise na? Noma yiyiphi indodana iza ngegama likayise. NeGama likaYise nguJesu Kristu. Niyabo? Niyabona ukuthi ngiqonde ukuthini na?

201 Uma ngikutshele ukuba wehle bese ungithengela okuthize ekhawunteni ezansi lapha, egameni lemeya yedolobha. Bangaki owaziyo ukuthi ubani imeya yedolobha na? Umngane wami olungileyo, uRich Vissing. Awu, ubungeke wehlele lapho bese uthi "egameni lemeya yedolobha." Uthi, "Egameni likaRichard Vissing." Ninabantu lapha eJeffersonville uyazi ukuthi ungubani.

Futhi yingalesosizathu Athi uYise, iNdodana, noMoya oNgcwele. KuYe kuhlala ubuNkulunkulu, ukugcwala kobuNkulunkulu ngokomzimba. Wathi, "Nibabhaphathize eGameni likaYise, iNdodana, uMoya oNgcwele."

202 UPetru emi lapho nesambulo Akhela kuso iBandla, sokuthi WayenguBani, wathi, "Phendukani, yilowo nalowo, abhaphathizwe eGameni likaJesu Kristu." Futhi zange... Izihluthulelo zaphenduka eZulwini nasemhlabeni. "Alikho elinye iGama phansi kweZulu elinikiwe ebantwini enifanele nisindiswe ngalo."

203 Nibhaphathizelani eGameni likaJesu Kristu na? Kukho ukuthethelelwa kwezono. "Enibathethelela izono, bathethelelwe." Niyabo. Kodwa uma ungacabangi ukuthi ukufanele futhi ukulungele ukubhaphathizwa, ungakwenzi. Ngokuba, uma ukwenza, kwenza lokho, niyabo. Niyakuthola engikuqondile na?

> Ngizwa uSav-...wami (iZwi) engibiza, (engibiza ezansi lapho ethuneni)
> Ngi...("Ungefe naMi, ukuze uvuke naMi na?")...-iour ngibiza,
> Ngizwa uMsindisi wami engibiza, (lizothini izwe na?)
> "Thatha isiphambano sakho, futhi ulandele, ulandele..."

Manje, uma ubungakaze:

> Lapho E (UyiZwi) ngiholela khona ngo... (nanto ichibi)
> Lapho Engiholela khona ngolandela,
> Lapho Engiholela khona ngolandela,
> Ngohamba naYe, naYe yonke indlela.

Asikhothamise amakhanda ethu.

204 Nkulunkulu othandekayo, ichibi selilungile. Manje khuluma ezinhliziyweni, Nkosi. Kwangathi bangezwa uKristu, iZwi, ebabiza, futhi bahambe naYe yonke indlela.

"Ngizohamba naYe ensimini. Ngizohamba naYe ngiye echibini. Ngizothatha iGama laKhe. Ngifuna ukuba ngomunye wabantu Ababizela iGama laKhe. Ngizokholwa iZwi laKhe. Ngizolandela. Angisoze ngaqomisana nezwe. Ngizoba ngoweqiniso, uMlobokazi omiselwe. Angizukushiya nowodwa umthambo omkhulu weZwi laKhe. Zonke izicelo, ngizoba ngowangempela, uMlobokazi weqiniso. Yonke into Angicela ukuba ngiyenze, leyo ngizoyenza.

"Uma iNdoda yami ezayo ifuna ngiyeke izinwele zami zikhule, ngizokwenza. Uma Ifuna ingususe konke lokhu ukuzipenda, ngizokwenza. Uma Ifuna . . . Ingitshela ukuthi ngumoya omubi, omubi engiqomisana nawo, ngalezizingubo ezibukeka zikhanukisa; ngizokwenza, ngizozikhumula. Angikhathali ukuthi ubani omunye uthini, ngizozikhumula.

"Ifuna ngiphume kuleloqembu engikanye nalo, labangakholwayo, ngizokwenza; nakuba ngenza isinkwa sami, kumbe noma yini. Yangethembisa ukuthi Ayisoze ingishiye ayisoze ingiyekele. Ngizo—ngizokwenza. Ngizohamba naYo yonke indlela. Ifuna ngibhaphathizwe eGameni laYo, ngizokwenza."

Nkosi, Wakwethembisa eZwini laKho lapha, yilokho Owawukufuna. Kwangathi wonke umuntu angalibona, Nkosi, futhi ngobumnandi, ngokuzithoba aLikhothamele. EGameni likaJesu ngiyakhuleka. Amen.

205 Yibani ngabakaNkulunkulu. Kwangathi uNkulunkulu angathatha lamazwi ephukile futhi awenze abe ngawangempela kini, kungumkhuleko wami oqotho.

Ichibi lizobe selilungile. Noma wubani ofuna ukuza, ba . . . Umfundisi uzokumemezela lokho kamuvanyana. Noma wubani osephendukile futhi ofuna ukubhaphathizwa, esebenzisa iGama likaJesu Kristu, woza nje ngaphambili. Yonke into isilungile. "Zonke izinto sezilungile." Konke esingakwenza ukukusiza ukuba uphilele uNkulunkulu, silapha ukuba sikwenze. UNkulunkulu anibusise.

206 Manje asisukume. Manje iculo lethu elincane, *Ng'yaMthanda,* "Ng'yaMthanda ngoba Wangithanda kuqala." Asilicule, wonke umuntu manje.

Ng'yaMthanda,

. . . asiphakamise izandla zethu njengoba silicula

. . . ng'yaMthanda
Ngoba Wangithanda kuqala
Wang'thengel'insindiso
Emthini waseKalvari.

Amakhanda ethu nezinhliziyo zethu zikhotheme manje, asilihamishele kuYe. [UMfowethu Branham uqala ukuhamisha u *Ng'yaMthanda*—Umhl.]

Ng'yaMthanda.

[Umfowethu Branham uyaqhubeka ehamisha u Ngiya Mthanda—Umhl.]

O Nkulunkulu, Baba wethu, yiba nomusa kithi esiyizidalwa ezimpofu, Nkosi. Siqinisele umsebenzi osihlalele ngaphambili. Ngisize, O Nkulunkulu, ngisize! Ngiyezwa ukuthi ikhona into elele khona lapha ngaphandle, Baba. Ngisize, O Nkulunkulu, ukuba ngazi iQiniso. Busisa lababantu, Nkulunkulu othandekayo. Bahole, ngiyakhuleka, eGameni likaJesu.

207 Manje sisakhothamise amakhanda ethu, ngizocela umelusi lapha, uMfowethu Neville, umfowethu oligugu akhuphukele khona lapha manje futhi asho ukuthi uzokwenzani, mayelana nokuthi ngabe. . . mayelana nombhaphathizo. Ngingahle ngikumemezele lokho. Ngicabanga ukuthi ichibi livuliwe, nokho.

